# *IPHIMBO LESIBONAKALISO*

. . .umBhalo. Futhi ngifisa sengathi besingasukuma nje futhi umzuzwana, sisafunda eNcwadini kaEksodosi. Nesahluko 4 seNcwadi, eNcwadini kaEksodosi, ngithanda ukufunda evesini 1 kuya kwele 8.

> *UMose waphenduka wathi, Kepha . . . abayikukholwa yimi, bangalaleli izwi lami: ngokuba bayakusho ukuthi, INKOSI ayibonakalanga kuwe.*
>
> *Yayisithi INKOSI kuye, Kuyini lokhu okusesandleni sakho na? Wathi, Yinduku.*
>
> *Khona yathi, Yiphose phansi. Wayeseyiphonsa phansi, yaphenduka inyoka; uMose wayibalekela.*
>
> *Yayisithi INKOSI kuMose, Yelula isandla* sakho, *uyibambe ngomsila. Wayeselula isandla sakhe, wayibamba, yaphenduka induku esandleni sakhe:*
>
> *Ukuba bakholwe ukuthi INKOSI uNkulunkulu wawoyise, uNkulunkulu ka–Abrahama, uNkulunkulu kaIsaka, . . . Nkulunkulu kaJakobe ubonakele kuwe.*
>
> *INKOSI yathi futhi kuye, Faka manje isandla sakho esifubeni sakho. Wayesefaka isandla sakhe esifubeni sakhe: lapho esesikhipha, bheka, isandla sakhe sasi*wuchoko *sinjengeqhwa.*
>
> *Wathi, Buyisela isandla sakho esifubeni sakho. Wayesebuyisela isandla sakhe esifubeni sakhe; kuthe esesikhipha esifubeni sakhe, futhi, bheka, sasesi* buyile *sinjengenyama yakhe.*
>
> *Kuyakuthi, uma bengayikukholwa nguwe, bengalaleli izwi lesibonakaliso sokuqala, bayakukholwa yizwi lesibonakaliso sasemuva.*

2 Asikhuleke. Nkosi Jesu, ongaguquki, Nkulunkulu ongahluleki, ohlale enguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi Wena awuguquki neze, futhi sibonga kakhulu ngalokho. Manje busisa iZwi laKho, nokufundwa kweZwi laKho, enhliziyweni yethu. Futhi kwangathi singaba nokukholwa ukuba sikholwe Wena. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

Ningahlala phansi.

3 Manje, ningezinye zezethameli ezikahle ukwedlula zonke engake ngakhuluma kuzo. Futhi angikusho lokho ukuba ngikusho nje. Kuqinisile. Futhi manje ngifuna ukuthi nje ukuthatha isikhathi sami kancane, kulobubusuku, bese ngihlela lenkundla. Ngakho, inhloso yokwenza lokhu, ngilapha ukuba nginisize. Futhi mangingenakunisiza noma nginezele into

ethize, awu, kwenza imithwalo yempilo ibelula kakhudlwana kumaKristu, futhi kulethe isoni kuKristu, ngiyisehluleki uqobo soMbuso kaNkulunkulu. Futhi ngempela ngifuna ukuba isibusiso kuNkulunkulu, njengoba Engamandla ethu nokuphila nosizo.

4 Manje ekufundiseni lokhu, ngifuna ukuze nizoqonda. Niyabo, kunezinto equbukayo ngezinye izikhathi, eyimfihlakalo kakhulu, abantu abangayibambi nje kahle. Futhi ngicabanga ukuthi uma sikucacisa, obala.

5 Abantu abaningi, njengokuthi uma si...uma ungachazi ngokuphilisa kukaNkulunkulu. Manje ngezinye izikhathi uMfowethu uRoy, mhlampe, emizuzwini embalwa, uyakusho. Kodwa ngabantu ongazi ukuthi nje kubanjelelwa kanjani ekuphiliseni kukaNkulunkulu, futhi ikakhulukazi uma ku—kufika isitha, ngani, u—ubungahlulwa empini, kalula kabi.

6 Ngesinye isikhathi uma abantu bethola ukugula emva kokukhulekelwa, bacabanga ukuthi, "Lokho yibutt–... Qhabo, ngalahlekelwa yikho." Leso isibonakaliso sokuthi unakho. Niyabo? Niyabo, leso, leso yisibonakaliso sakho. Uma ungazi nje...uma ungasazi isitha sakho, ungakwenza kanjani ngemizuzu engamashumi amathathu nje ubusuku ngabunye ngezinkonzo ezincane ezinhlanu, bese usuhambe waya ndawondawo na?

7 Ngolunye lwalezizinsuku, ngikholwa ukuthi iNkosi... imvuselelo enkulu isathe ukuthula esizweni sonke. Ngicele iNkosi, uma kuba yintando yaYo, mangithole ithende, ngilimise, futhi asidingi kuqasha lutho. Futhi sibe nenkonzo yasekuseni yokufundisa, nabelusi kanjalo njalo, mhlawumpe kusuka kweleshumi kuya kweleshumi nambili; ntambama, iziyalo ekuphiliseni; bese kuthi–ke ngalobobusuku, sikhulekela abagulayo. Imihla namalanga, amaviki. Bese kuthi–ke singabinabo ubusuku bangoLwesithathu, noma izinkonzo zangeSonto, ukuphazamisa, noma okuthize. Ntambama ngeSonto nje, ukuze singaphazamisani nayo yonke inkonzo, futhi ngaleyondlela sidedela wonke umuntu eze ofisayo. Sikhulekele abagulayo. Futhi uma udeveli ebuya, noma esho noma yini, khona–ke singangena futhi sikuhlole, futhi nje sibone ukuthi yini eyenzekayo, niyabo.

8 Ngicabanga ukuthi lokho bekungaba isibusiso ngempela kwesakhelene nabo, kubelusi nabobonke abebengabazi. Bayakukholwa lokhu. Bakukholwa ngokoqobo, kungenjalo bebengelishumayele iBhayibheli. Noma yiliphi ikholwa leBhayibheli, ikholwa leBhayibheli langempela, ligcizelela zonke ezalezizithembiso zikaNkulunkulu ngo "amen." Kunjalo.

9 Uma ningelikholwe lonke...Wena uthi, "Awu, ngikholwa *lokhu*, kodwa angazi nga *Lokho*. Unomhumushi ofanayo uEva ayenaye. Wazama...Wazama ukuLihumusha kuEva, "O, *lokhu*

kuqinisile, na *lokho* kuqinisile, futhi, o, *lokho* qiniso yilokho, kodwa ngempela uNkulunkulu . . . ”

10 UNkulunkulu washo njalo, nalolonke iZwi! Akukho nelilodwa iZwi noma isimo esisodwa saLo esingagejwa, semukelwe ngokungesikho. Uma ungaLemukeli ngayo yonke inhliziyo yakho, konke nokunci kwaLo, ngakho–ke ungavele nje ungaqali ngisho nhlobo. Niyabo?

11 Khumbulani, kwakungumusho omncane owodwa waLo, owaguqulwa nje, owabangela konke ukugula, bonke ubuhlungu benhliziyo, konke ukufa, yonke into. Kwakubangela konke. Ngokungawukholwa nje ngokuyikho umusho omncane owodwa, kwabangela konke lokhu, niyacabanga nje ngamabomu uhamba phezu komusho omncane owodwa kuyokubuyisela emuva na? Ngenkathi, abantu abawemukeli uhhafu waLo, ngezinye izikhathi, bese kuthi–ke bazibize ngamaKristu. Niyabo? Niyabo?

12 Kulungile, konke okuncu kwaLo, kufanele nje kubekwe ndawonye. Futhi Munye kuphela ongakwenza, lowo nguMoya oNgcwele, ngokuLihumusha ngokwaKhe uQobo ukugcwalisa lokho Athi Uyokwenza. Yileyondlela kuphela engazi ngayo. Manje okwethu . . .

13 Ngizokhuluma kulobubusuku kini, noma ngifundise, okwe—okwemizuzu embalwa, ngendaba ye . . . *IPhimbo Lesibonakaliso*.

14 Benazi, uMose washo lapho, uyo . . . “Abayikulizwa iphimbo lami. Bayothi, ‘INkosi ayibokalanga kuwe.’ ”

UNkulunkulu waMtshela–ke, wathi, “Manje yini le esesandleni sakho na?”

15 Wathi, “Ngani, udondolo, induku; induku endala nje, udondolo lomelusi wezimvu, okufana nalo.”

16 Wathi, “Iphose phansi.” Wakwenza, futhi yaphenduka inyoka. Wayicosha futhi, kwakuyinyoka . . . noma induku futhi.

17 Khona–ke Wathi, “Faka isandla sakho esifubeni sakho.” Futhi wasikhipha, kwakuwuchoko. Futhi khona–ke wasifaka wasibuyisela futhi, wasikhipha, sasesiphilisiwe. Wathi, “Manje, uma bengayikukholwa iphimbo lesibonakaliso sokuqala, bayokholwa iphimbo lesibonakaliso sesibili.”

18 Manje niqaphelile yini ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani lokho, uNkulunkulu ongaguqulekiyo na? Ngabe noma yimuphi omunye wenu angabuyela emuva eArkansas, cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu eyedlule, ngenkathi iPhimbo lesibonakaliso sokuqala, lithembisa iPhimbo lesibonakaliso sesibili na? Niyabo? Ngathi, “Ngenkathi lokho kufezeka, akukho muntu oyobanamandla okwazi, ngaphandle uma nje kungongakholwayo phaqa, ngoba Liyobona okufihlakele futhi lazi ukuthi uyini, futhi lingamtshela ngakho.” Ngakho uyi . . .

Bangaki osikhumbulayo isiproph–. . . lokho kuprofethwa emuva le eminyakeni edlule, oza emhlanganweni, futhi lathi kuyofezeka na? INgelosi yeNkosi yathi, "Kuyofezeka ukuthi uyokwazi ngisho nezimfihlo esenhliziyiweni yabo." Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho kwaprofethwa eminyakeni emingi edlule, niyabo, ngenkathi isibonakaliso sokuqala sasinyakaza.

19 Manje, inkundla yethu ikwingemuva logwadule, lomprofethi obalekayo. UMose wayazi ukuthi wayekhuliselwe ukukhulula uIsrayeli; Wayekufundile lokho kunina. Ukuthi u. . . Wayengumntwana omuhle. No—noJokebedi no—nomyeni wakhe babekhulekile ukuthi uNkulunkulu uyothumela umkhululi, futhi lapho wazalwa emndenini wabo, "umntwana omuhle." Siyayazi indaba. Futhi manje ngenkathi ekhuliswa, wathatha yona impela indlela efanayo yokuqeqeshelwa umsebenzi, njengoba besingaqeqesha umuntu namhlanje, aphumele esikoleni ngqo, ayezikoleni ezizedlula zonke.

20 Uma umuntu ubecabanga ukuthi besino—nobizo empilweni yakhe, bekuyokwenzekani na? Bebeyomthumela kuBob Jones, noma ndawondawo, noma ezinye zezikole ezinkulu, futhi bamtholele uhlobo oluphakeme kunalo lonke lwemfundo abengaluthola. Naleyo yinto embi kunazo zonke abebengayenza. Leyo yinto embi kunayo yonke ebingenziwa. Uma umuntu ethi, "NgiyiPh. D., iLL.D.," lokho nje kumqhelisa kude le kuNkulunkulu, kimi. Niyabo? UNkulunkulu akakwenzi, akusizo zonke izinto lapho. UNkulunkulu ulula, uthobile, uNkulunkulu. Niyazi, nihamba. . . Bazama ukucaza i atomu, futhi—futhi bazama ukukutshela ukuthi ufanele ukwenze kanjani, bayobe–ke sebehamba phezu kwedlebe lotshani abangazi lutho ngalo. Kunjalo. Uziqhelisa nje wena uqobo kuNkulunkulu ngalezozinto. Kungesikho ukuthi njengokuthi ngisekela ukungazi, manje, ningakucabangi lokho.

21 Kodwa ngizama ukunitshela ukuthi uNkulunkulu akaziwa ngemfundo. UNkulunkulu waziwa ngokukholwa. Ukukholwa, wazi uNkulunkulu, nalokho kodwa, nokukholwa kuphela. Ufanele kuphela ube nento ethize ukwesekela ukukholwa phezu kwayo, ngoba akusikho okungenamkhawulo; lelo yiZwi laKhe. NoMose waya esikoleni, futhi bamfundisa isikole bephindaphinda, ngoba, akungabazeki, babecabanga ukuthi wayezoba yindoda enkulu yezempi. Nokuthi umlando usitshela ukuthi wayeyindoda enkulu yezempi, wayekwazi ukuthatha izimpi zaseGibhithe futhi—futhi abe nguFaro waseGibhithe, futhi akhulule abantu, futhi ababuyisele ezweni labo lendabuko noma abavumele baphathe iGibhithe. Manje leyo ngempela yindlela ababecabanga ukuthi yayizokwenzeka. Futhi ngakho bamqeqesha, futhi—futhi wayekwazi ngisho ukufundisa izifundiswa ezinkulu ukuhlakanipha okuthize. Wayekhaliphe ngempela futhi efundile. Kodwa leyo kwakungesiyo indlela

kaNkulunkulu yokukwenza. Futhi ngenkathi ethola ukuthi kwehluleka, uba muncu.

22 Futhi yilokho amabandla akwenzayo namhlanje. Uma ethola, uhlelo lwawo lwezemfundo, ungeke uNkulunkulu wamfundisa imfundo, indoda kuNkulunkulu, ungeke wayihlela kuNkulunkulu. UNkulunkulu unendlela yayo ukuba ize, naleyo yiyonandlela kuphela uNkulunkulu azoyivuma ngayo, lokho kuphansi kweGazi. Futhi ungeke wakwenza ngokuthi, "Sonke sizoba yiMethodisti. Sonke sizoba yiBaptisti. Sonke sizoba ngama Assemblies. Sonke sizoba yichurch of God. Sonke sizoba yiOneness. Sizoba yi*lokhu*." Lokho akuzukumenelisa uNkulunkulu, ngoba, uhlelo lwaKhe, ukuthi sifanele sizalwe ngokusha futhi size phansi kweGazi. Futhi ngakho amacebo ethu—ethu kuphela angawenziwe ngumuntu, futhi aqale ukuphuma, isehluleki, futhi ayohlala njalo eyisehluleki size sibuyele endleleni kaNkulunkulu yokukwenza. Yileyondlela kuphela uNkulunkulu ayaziyo, kuphansi kweGazi. Yilapho Edlula khona.

23 Abaningi benu wayesezansi ngobunye ubusuku, noma ngeSonto ntambama, ngiqagele, ezansi lapho ngenkathi ngishumayela ngokuthi *UPhawu*. Bamba uPhawu phambi kwakho. Bangaki owayesezansi lapho, ake sibone izandla zenu? Awu, bengicabanga ukuthi kwakuneqembu lalapha ezansi lapho. Futhi, uPhawu, yileyonto kuphela uNkulunkulu ayivumayo, noPhawu lufanele lube lapho kungenjalo isivumelwano sasichithwa ngisho. UPhawu nje! NoPhawu nguMoya oNgcwele.

24 Manje sithola ukuthi uMose, emva kokwenza lokhu, waba muncu. Ngakho wavele wabaleka nje, washiya igibhithe wayesephumela ezi—zingwadule, futhi lapho sithola ukuthi waganwa yintombazane yakwaKushe, wayenendodana egama linguGereshomi. Futhi ngoluny'usuku esahamba ngaseceleni kwe—kwendlela endala ejwayelekile kwingemuva logwadule lapho, eluse izimvu, awu, wahehwa yinkundla eyayingejwalekile.

25 NoNkulunkulu akejwayelekile kakhulu, Wenza izinto ngendlela engejwayelekile impela; ephambene kakhulu nesayensi, ephambene kakhulu nemfundo, ephambene kakhulu ngezinye izikhathi nesayensi yezenkolo yomuntu, ephambene nje nalokho. UNkulunkulu wenza lokho ukukhombisa nje ukuthi unguNkulunkulu. Futhi, ukwenza lokho, Uzofanele athathe omunye umuntu ongazi lutho ngalezizinto, ukuze Akwazi ukusebenza ngalowomuntu.

26 Ngenkathi uJesu efika, Akamthathanga ngani uKayafase, abapristi owayeqeqeshiwe futhi ewulungele umsebenzi na? Wehla wayesethola umuntu owayengakwazi ngisho ukusayina igama labo, "engazi lutho futhi engafundile," iBhayibheli lathi

babenjalo. Isizathu, uNkulunkulu uthatha okungelutho ukuba enze utho ngakho. Niyabo?

27 Futhi uma ufika endaweni ozizwa khona ukuthi awulutho, khona–ke usuthi awulungele nje ukuza kuNkulunkulu. Uma—uma ufika endaweni ukuthi awazi lutho, kodwa ufuna ukwazi utho, khona–ke Uzozembula Yena uqobo kuwe.

28 Manje, qaphelani uma lento engejwayelekile, ayikaze yenzeke ezweni, njengoba sazi ngayo. Kwase kuyisikhathi nje sophumo. Uphumo lwase lufikile, futhi, ngenkathi, *uphumo* luchaza ukuthi, "ukukhishwa ngaphandle, ulethwe ngaphandle."

29 Futhi manje sithola ukuthi, ngokujwayelekile, kulezozimpambano ndlela ezihlangene nje zophumo, okungejwayelekile kuqala ukwenzeka. Ngikholwa ukuthi silapho futhi. Ngikholwa ukuthi silapho, ophumweni loMlobokazi, ukuba ayohlangabezana noMyeni. Ngikholwa ukuthi uphumo selufikile.

30 Naloluphumo, ukukhishwa e—eGibhithe, babuyele ezweni labo lendabuko lapho ababethenjiswe ukuza khona, lwaselufikile nje, noNkulunkulu wayesedingeke ukuba aphinde amfundise umuntu waKhe. Khumbulani, uMose wayefundisiwe iminyaka engamashumi amane, ethola zonke ezesiqu sakhe sobudokotela nayoyonke into, futhi kuthathe uNkulunkulu eminye nje iminyaka engamashumi amane ukukhipha kuye imfundo eyayikufake kuye. Iminyaka engamashumi amane ehlane; okuyithathile, ifakwe ikhishwe, yayizoyifaka.

31 Manje–ke, futhi yonke lento enkulu yase iphumile kuye, uNkulunkulu wabonakala kuye ngesimo sesihlahla esivuthayo. Manje ngizonikhombisa ukuthi yase iphumile kuye. Manje, uma kungenjalo, manje uMose engu—ngusosayensi, wayeyohamba ayothatha amanye alawo macembe asuka esihlahleni, bese ewehlisela endlini yokusebenzela isayensi futhi awahlole, ukubona ukuthi hlobo luni lwesithako elalifuthwe ngaso, ukuba lesosihlahla sivuthe futhi singavuthi siphele. Niyabo?

32 Ngoba, manje, abaseGibhithe babekhaliphile, abantu besayensi, abakhaliphe kakhulu kwisayensi kunoma sinjalo namhlanje. Kufakazisa lokho. Babekwazi ukugqumisa umzimba osalokhu ubukeka ungowemvelo nanamhlanje. Thina singeke sakwenza lokho. Bakha isivivane. Thina besingeke sakwenza lokho. Niyabo? Izinto ababenazo zaziphambili kude le neseyansi yethu namhlanje.

33 Futhi ngakho uMose wayeqeqeshwe kukho konke ukuhlakanipha, ngakho lokho kwamenza usosayensi. Ngakho, niyabo, ngenkathi efika eBukhoneni balesisihlahla, wayazi ukuthi isihlahla sasinalokho ayesilele kukho.

34 Ukuba kuphela besingakwenza lokho namhlanje, ukuba kuphela besingazi ukuthi isimanga esivelayo sikaNkulunkulu

sinalokhu thina esisilele kukho emahlelweni ethu. Inqubo yemfundo yethu esilele kukho, uNkulunkulu unakho esimangalisweni esivelayo soBukhona bukaKristu. Yilokho esikudingayo.

35 Manje, siyathola, lolophumo selufikile, uNkulunkulu wahlangana noMose futhi wamtshela ukuthi kwakuzokwenzekani, futhi umnika izibonakaliso ezimbili. Futhi isibonakaliso ngasinye sasinePhimbo, iPhimbo lesibonakaliso.

36 Sonke isibonakaliso esivela kuNkulunkulu silandelwa iPhimbo. Ngasosonke isikhathi uNkulunkulu unikeza isibonakaliso seqiniso, kunePhimbo elisilandelayo. Uma ubona uhlobo oluthize lwesimanga esivelayo siza, futhi usibhekisise sinyakaza, futhi asiguqukeli entweni ethize, khona–ke asiveli neze kuNkulunkulu. Niyabo? UNkulunkulu akazikhombisi izibonakaliso nje ukukhombisa ukuthi nje UnguNkulunkulu. KunePhimbo elilandela lesosibonakaliso.

37 Manje, ngosizo lukaNkulunkulu, sizokuthola lokho emBhalweni kulobubusuku, futhi sibone ukuthi ngabe lokho kuyiQiniso yini. Niyabo? Lapha isihlahla esivuthayo sasiyisibonakaliso kuMose, leso kwakuyisibonakaliso, futhi sanikwa u . . . futhi wezwa iPhimbo livela esihlahleni.

38 Manje qaphelani, uNkulunkulu akaluguquli neze uhlelo lwaKhe. Akadingi neze ukuba awahoxise amaZwi aKhe. Isinqumo sakhe sokuqala siphelele.

39 Ngingenza isinqumo, ngiyothi, "Awu, bengi—nginephutha, niyabo." Ngingumuntu. Ungasenza esisodwa futhi udingeka usihoxise.

40 Isayense iyasenza futhi isihoxise. Benikwazi lokho na? Bangasifakazisa ngokwesayensi ukuthi siqinisile, futhi emva kwesikhashana bayafakazisa ngokwesayensi ukuthi siyiphutha, kodwa bangeke bazivume ezabo. Bangeke bazivume ezabo.

41 Manje, usosayense ongumFrentshi, cishe eminyakeni engamakhulu ayisithupha edlule, noma into efana naleyo, egingqa ibhola ngejubane elithize lizungeze imbulunga, ingumhlaba; noma—noma iminyaka engamakhulu amabili edlule, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, noma amathathu, into enjengaleyo. Empeleni, wafakazisa ngokwesayensi, ngokuphakanyiswa kwalelibhola, ngejubane . . . Uma—uma omunye ubengahamba ngejubane elesabekayo lamamayela angamashumi amathathu ngehora, noma yini ehamba phezu komhlaba ngejubane elingamamayela angamashumi amathathu ngehora, amandla adonsela emhlabeni abengadedela ukubamba kwawo futhi bekungasuka emhlabeni. Nicabanga ukuthi isayensi ibuyela emuva futhi ikuvume lokho na? Qhabo. Baqhubeka njalo njalo njalo. Niyabo?

42 Kodwa abefundisi bahlala njalo bezama ukukhomba emuva kulokho okwashiwo omunye umuntu, emuva le emva kwabo, esikhundleni salokho uNkulunkulu athi akwenziwe. Sigibela esihlahleni sokuKholwa. Niyabo?

43 Futhi uNkulunkulu akaluguquli neze uhlelo lwaKhe. Ungaphumula ngesizotha kulokho uNkulunkulu akushoyo okokuqala. Uyohlala njalo njalo naLokho. Angeke, Angeke, futhi akakaze akwenze, nangasiphi isikhathi, aKuguqule. Ngoba, uma Ekwenza, khona–ke U—Ungonesiphelo njengoba sinjalo thina; wenza iphutha, uzofanele axolise futhi abuyele emuva. Kodwa Ungumthombo wakho konke ukuhlakanipha, umthombo wawo onke amandla; ongenasiphelo, osezindaweni zonke, ongowazi konke, onamandla onke. Niyabo, Ulungile, UnguNkulunkulu. Uma Engesizo zonke lezozinto, khona–ke Akasuye uNkulunkulu. Kodwa Uzofanele abe yilokho ukuba abe nguNkulunkulu.

44 Manje, uNkulunkulu akazange asebenzise uhlelo oluthize olwenziwe ngumuntu ukuMhlonipha, ngaphandle nje kokukubeka ehlazweni. UNkulunkulu njalo usebenzisa umuntu oyedwa vo umuntu ngamunye, oyedwa nje; neze inhlangano, neze ihlelo. Usebenzisa umuntu oyedwa vo, ngoba sehlukile thina, sonke, omunye komunye. Babengekho neze abaprofethi abakhulu ababili emhlabeni ngesikhathi esisodwa. Neze. Niyabo, Akakwenzi, ngoba Ukhuluma nje kulowo oyedwa. Uma lowo oyedwa engasekho, Uvusa omunye ukuba akhulume ngalesosikhathi. Khumbulani, lokho bekuhlala njalo kuluhlelo lwaKhe.

45 Manje siyathola lapha, isihlahla esivuthayo sasiyisibonakaliso. Sanikezwa ukuheha ukunaka kukaMose.

46 Manje yilokho uNkulunkulu akunikela isibonakaliso, singukuheha ukunaka kwabantu. Singesalokho–ke isibonakaliso, singukuheha ukunaka. Futhi sehla ngomBhalo lapha, njengoba siWufundisa manje okwemizuzu embalwa, futhi sithole ukuthi ngabe lokho akunjalo yini, ukuthi Unikeza lezizibonakaliso ukuheha ukunaka. Futhi manje–ke uma Ethola ukunaka kwabantu, khona–ke iPhimbo lesibonakaliso liqala ukukhuluma. UJesu waphilisa abagulayo, ukuheha ukunaka, niyabo, manje–ke uma Eqala ukushumayela. Niyabo, bahlala njalo, kuheha ukunaka.

47 Isihlahla esivuthayo sanikwa uMose, ukuheha ukunaka komprofethi owayebaleka, futhi waphendukela eceleni ukuba abone ukuthi kwakuyini. Kwase kuthi–ke isibonakaliso sanikeza iPhimbo. Isibonakaliso uqobo lwaso sanikeza iPhimbo.

48 Manje lamaphimbo nezibonakaliso angawokwexwayisa abantu ngeZwi likaNkulunkulu, selithi alilungele nje ukuqinisekiswa. Njalo isibonakaliso singesokuheha ukunaka, abantu.

49 Manje abaningi benu bafundi beBhayibheli, futhi ni—niyacabanga manje ngezindima ezehlukene eBhayibhelini, futhi sizofika kwezinye zazo, ukuthi, uma isibonakaliso sinikezwa, siheha ukunaka kwabantu, ngoba uNkulunkulu ulungiselela ukukhuluma. Ufuna izethameli. Ufuna umuntu ozolalela Azokusho. Niyabo? Manje, njalo wenza lokho. IZwi laKhe libexwayisa nge. . . Isibonakaliso singukuxwayisa, ukuheha ukunaka kwabantu, ukuthi iZwi lilungiselela ukukhuluma.

50 Manje qaphelani, Uzokhuluma ngeZwi laKhe elithenjisiwe, into Athi Uzoyenza. Qaphelani, "Ngizwile, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi. Ngakuzwa ukukhala kwabo eGibhithe; Ngiyakukhumbula eNgakwethembisa uAbrahama."

51 Niyabona ukuthi Uzokwenzani na? Waheha ukunaka kwakhe, manje uneZwi laKhe, UzoLinika umprofethi, uMose. Ngoba, leyo kwakuyiyo, yiyo, futhi kuhlala kuyiyo indlela yaKhe yokukhuluma. Leyo indlela Akwenza ngayo ekuqaleni, leyo yindlela Akwenza ngayo manje. Ukwenza njalonjalo ngokufanayo. Niyabo? "IZwi liza kumprofethi." NoMose wayengumprofethi, futhi manje uzoprofetha ukuthi Wayezokhuphula uIsrayeli. Akashongo ukuthi Wayezokwenza kanjani, kodwa Wayezobakhipha eGibhithe. Futhi, manje–ke, Wayekuzwile ukukhala kwabo, nokububula kwabo, nemikhuleko yabo. Babelindele kuphela uNkulunkulu. . . UNkulunkulu wayelinde bona. Wayenomprofethi waKhe phandle lapho ehlane, kodwa Wayelindele kuphela abantu ukuba baMbizele emnyakazweni.

52 Ngikholwa ukuthi Unento efanayo namhlanje, ulindele ibandla laKhe ukuba likubizele enkundleni, ukuze Anyakaze. Isithembiso sanamhlanje sesilungele, kodwa Uzofanele athole abantu ukuba bakhuluke futhi babubule; njengoba babenjalo ezansi lapho. Manje–ke sizofika enkundleni. Niyabo?

53 UMose wayephandle ehlane, ebambelele lapho iminyaka engamashumi amane. Abantu benqaba i—isibonakaliso, into ayenzayo ezansi lapho, ukubulala umGibhithe; kwakungesiyo indlela kaNkulunkulu ngakho Umkhiphela ehlane futhi—futhi waphinde wamfundisa manje esimangeni esivelayo, futhi manje uselungele. Futhi uNkulunkulu wathi, "Ngikuzwile ukububula kwabo, Ngikubonile ukububula kwabo, abacindezeli babo bebashaya ngesiswebhu, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi." Amen. Niyabo, Uselungele ukukhuluma manje, Usenayo yonke into ihlelekile. Manje ukhombisa isimanga esivelayo esiheha ukunaka komprofethi.

54 Ngenkathi umprofethi efika ezansi lapho, wakhombisa isimanga esivelayo, ngoba wayeyiphimbo likaNkulunkulu. Umuntu wayengalucosha kanjani uthuli futhi aluphose, futhi athi ISHO KANJE INKOSI; kungekho zeze ezweni, futhi, amahora athi awabe mabili kusukela ngaleyonkathi,

yonke into igcwele izixuku zemazeze na? Kungekho sibawu ndawo, nhlobo, futhi athi, "Makubekho izibawu"; futhi, into yokuqala niyazi, impukane enkulu endala ezalela enyameni ivunde iqala ukundiza ngapha, futhi zazivuvukalisa abantu ndawo zonke. Ubani, imuphi umuntu owayengenza lokho na? KwakunguNkulunkulu esebenzisa lowomprofethi, enza izwi laKhe isibonakaliso, ukunikeza ubizo, "Siyaphuma eGibhithe."

55 Lapho, bhekisisani ngokusondele impela manje. Uzokhuluma, ngakho Uzofanele ahehe ukunaka ngesibonakaliso, futhi iphimbo lesibonakaliso yilelo Azolisho. IZwi laKhe, iZwi laKhe elithenjisiwe lizoqinisekiswa manje. Niyabo? "Ngenza isithembiso ukuthi Ngiyobakhipha ngesandla esinamandla; Ngiyokhombisa amandla aMi kulelozwe," futhi noma yini Azoyenza. Manje, Wenza isithembiso kuAbrahama, lapha Uselungele ukusenza. Ngakho, Unikeza isibonakaliso, iNsika yoMlilo ilele emuva esihlahleni esivuthayo, futhi Utshela uMose, "Manje uzoba Ngumlomo waMi. Yehlela ezansi lapho, futhi Ngizoba nawe."

56 Futhi ngenkathi esefike ezansi lapho, khona–ke iZwi elithenjisiwe, Ayekade elethembisile, laqinisekiswa. Lelo kwakuyiPhimbo lesibonakaliso. Seniyakuthola manje na? Qaphelani, "Ngikuzwile ukububula kwabo. Ngiyasikhumbula isithembiso saMi."

57 UNkulunkulu akaguquki neze. Ukwenza njalo ngendlela efanayo. Ukufika komprofethi kuyisibonakaliso sokuthi uNkulunkulu uselungele ukukhuluma. Beni . . . Manje hlolani imiBhalo. Niyabo? IBhayibheli lathi, uNkulunkulu wathi, qobo lwaKhe, A "kenzanga lutho waze WaKwembula kubaprofethi baKhe." Kunjalo. Ukwenza ngabo, ngoba kuza kuye. Lowo yizinceku zaKhe, niyazi. Kulungile.

58 Ukufika komprofethi kuyisibonakaliso esinganakwa ngabantu, njalo. Abasinaki. Abasitholi neze, ngandlela thize, ngaphandle uma kuyilabo abamehlo abo avulekile ukusibona. Labo abakhethelwe ukuSibona, uyaSibona. Kodwa ukufika komprofethi kwakuyisibonakaliso sokuthi uNkulunkulu uselungele ukukhuluma, ngoba, uma uNkulunkulu engezukukhuluma, umprofethi ubengezukuba semhlabeni, manje kukhumbuleni lokho, wayengeke abe semhlabeni ngaphandle uma uNkulunkulu wayeselungele ukukhuluma. Futhi yileyondlela Akhuluma ngayo, ingaleyomigudu. UNkulunkulu ongaguquki akazange akwenze noma ngayiphi enye indlela. Qaphelani.

59 Lena njalo yindlela kaNkulunkulu yokwenza iPhimbo laKhe laziwe kubantu baKhe. Uthumela umprofethi waKhe futhi anikeze isibonakaliso; abese–ke ethatha iPhimbo laKhe ebelikhulunywe ngaphambili, eZwini laKhe, futhi aLiqinisekise ngalomuntu. Futhi bayazi ukuthi yiPhimbo laKhe

ngoba yiZwi elithenjisiwe losuku. O, ukuba abantu kuphela bebengakubona lokho. Ukuba bebengama kuphela umzuzwana nje futhi bakuqonde lokho. Niyabo, ayikho indlela ukubenza bakukholwe; akukho—khondlela, umuntu. UNkulunkulu qobo lwaKhe angekwenze, ukukwenza abantu bakukholwe. Bafanele bakukholwe. Futhi uma kungekho lutho lapho ukukholwa ngalo, bangakholwa kanjani, niyabo, akunandaba ukuthi wenzani na?

60 IBhayibheli lathi, "Nakuba Wayenze izimangaliso eziningi kakhulu, nokho babengenakukholwa" ngoba, uIsaya wakubona phambili, wayesethi, "Banezindlebe kepha abezwa, amehlo kepha ababoni." Futhi nokho WayenguMesiya ngokuphelele, wenze khona impela uMesiya akusho. Futhi bathi, "LoMuntu uhlakaza amabandla nje. Futhi, Yena, asazi lapho Evela khona." Niyabo? Akusiso yini isimanga ukuthi babeyokwenza lokho na? Kodwa iBhayibheli lathi babeyokwenza.

61 NeBhayibheli lasho futhi, ngalolusuku bayokwenza into efanayo. "Abanawala, abakhukhumeleyo, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abahlebayo, abangenabumnene, abangathandi okuhle; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha beyophika iZwi eliqinisekisiwe, Amandla lapho, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kanjalo njalo; labo–ke wobagwema. Ngokuba yiloluhlobo oluhlela izinhlangano zomama, futhi ungena imizi nemizi, futhi uhola abesifazane abayiziwula ababekwe le yizinkanuko eziyizinhlonhlobo, bengeke bakwazi ukufika ekulazini iQiniso." Niyabo? Manje, lokho kuprofethiwe, futhi lokho kufanele kufezeke ngoba kungu ISHO KANJE INKOSI. Qaphelani, "Kepha ubuwula babo buyakuba sobala, njengoJane noJambre, ngezinsuku zokugcina."

62 Manje njalo azisa iPhimbo laKhe kubantu baKhe, ngesibonakaliso saKhe esingumprofethi. Manje ngikhuluma ngoMose, yilapho engibekelela khona emuva, futhi manje–ke niyabona lapho esikhona. IZwi likaNkulunkulu libonakaliswa ngePhimbo lesibonakaliso.

63 Manje isibonakaliso esithenjiselwe usuku, senziwaphambi kwabantu, bese kuthi–ke umBhalo olotshiwe uvele, yiPhimbo lalesosibonakaliso. Uma kunganikezi iPhimbo langokomBhalo, khona–ke deda kukho, niyabo, akusuye uNkulunkulu. Isizathu, uNkulunkulu ngeke akwethembisa Lokhu kwanamuhla, futhi athi, "Awu, yi*lokhu*." Niyabo, uNkulunkulu angekwenze lokho. UNkulunkulu angethembise into ethize yokosuku olulodwa, bese ethi, "Qhabo, qhabo, a—akusikho. Ngi—ngingeke ngakwenza lokho. Lokho kwakungokolunye usuku." Akwethembisayo, Ufanele ahlale nakho, nesibonakaliso sangokomBhalo sangempela siyiPhimbo langokomBhalo.

64 Isibonakaliso sikaMose, asibona, kwakunguNkulunkulu ekukhanyeni kwezulu nomhlaba. Kwase kuthi–ke ngenkathi Enza lokho . . .

65 Futhi ngabe noma yimuphi umuntu uyasazi isibonakaliso esidala samaHeberu, ngisho ngaphambi kokuba kulotshwe iBhayibheli na? Kwakungumumo ongunxantathu, noma umumo oyiqanda wokukhanya kwezulu nomhlaba, kunjalo impela, iZwi–mcabango. Manje, uDokotela Lamsa unakho lokho eBhayibhelini lakhe, ekhaveni ngaphandle.

66 Manje siyaqaphela ukuthi uMose wahehwa yilesisibonakaliso, futhi lesisibonakaliso sakhuluma kuMose ngephimbo langokomBhalo. Niyabo, isibonakaliso samheha. Futhi khona–ke Wathi, "Ngiyasikhumbula isithembiso saMi, futhi Ngehlile ukubakhulula. Futhi Ngizosebenzisa wena ube wumlomo. Yehlela ezansi lapho." UMose wenza izaba zakhe, kodwa uNkulunkulu wamthuma, noma kunjalo.

67 Manje, Yena, leyo yindlela yaKhe yokuhumusha iZwi laKhe. Umprofethi, emBhalweni, ufanele kuqala abe ngu—ngumboni oqinisekiswayo. Akufanele nje kube yinoma yimuphi umfo ofikayo ngapha, athi, "Ngino ISHO KANJE INKOSI," nolandelayo athi, "Ngithi ISHO KANJE INKOSI." Abaprofethi abasibo ababekwa izandla base benziwa abaprofethi. Abaprofethi bamiselwa ngaphambili ehoreni. IBhayibheli liyasho ukuthi bayofika nini, ukuthi bayoba yini. Abaprofethi ba—bathunyelwa bevela kuNkulunkulu. Bayizikhundla zikaNkulunkulu, esizelwe.

68 UNkulunkulu watshela uJeremiya, "Ungakakhulelwa ngisho nasesizalweni sikanyoko, ngakubeka umprofethi ezizweni." Niyabo? Nje ba . . . Lokho kufanele kube kumuntu ngokuphelele. Yi . . . Akusuye; yisiphiwo esivela kuye. UMose wazalwa engumprofethi. UJeremiya wazalwa engumprofethi. UIsaya, umprofethi. UJohane umBhaphathizi, umprofethi. UNkulunkulu wayekhulume ngabo.

69 Futhi abakushoyo kufanele kube yiqiniso. Nendlela abantu ozokwazi ngayo ukuthi ngabe baqinisile noma qha, Akushoyo kufanele kube ngokuyikho, ngoba aprofetha ngakho kuyizincwadi zakhe ezimchazayo zobizo lwakhe oluvela kuNkulunkulu, uma uNkulunkulu eqinisekisa ukuthi akushoyo kuyiQiniso. Manje yingakho ngizama ukusho lezizinto kulobubusuku, ukuze nizoqonda. Niyabo? Manje uma . . .

70 IBhayibheli lasho ngapha, "Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyakuzazisa kuYe, ngemibono, ngikhulume kuye ngamaphupho." Manje–ke Uthi, "Uma lomprofethi esho noma yini futhi ingenzeki, khona–ke ningakukholwa." Manje lokho akungaphezu komqondo ohluzile. "Kodwa uma lokho akusho kufezeka, khona–ke yizwani, manje–ke nifanele nimesabe," ngoba Unaye.

71 Manje siyathola, lokho uMose akusho kuyafezeka. Niyabo? Lokho kwamenza umboni oqinisekisiwe. Lokho kwakuyizincwadi zakhe ezimchazayo, ngoba akushoyo kwenzeka. Wathi, "Cishe ngalesisikhathi kusasa kuzobakhona amazeze yonke indawo emhlabeni," futhi abakhona. "Ngalesisikhathi kusasa kuyoba *ngukuthi–nokuthi*," futhi kwabakhona. Kufanele kushaye ngqo emhlolweni, hhayi nje okumahlaphahlapha.

72 Indoda amaningi kakhulu namhlanje, uma nizoxola ngalokhu umzuzu nje. Futhi angisuye umehluleli noma . . . Nje ngedlulisa umbono oqondene nomuntu siqu sakhe. Indoda amaningi ivukile, indoda ekahle egcwaliswe ngoMoya futhi azama, ayaphuma . . . Mhlawumbe iNkosi iwanika isiphiwo sokuprofetha.

73 Manje, kunomehluko ongamamayela ayizigidi phakathi kwesiphiwo sokuprofetha nomprofethi. Niyabo? Isiphiwo sokuprofetha simelwe sehlulelwe ngabathathu ngaphambi kokuba sidluliselwe ngisho ebandleni. Siyazi ukuthi siyefana njengokukhuluma ngezilimi, sifanele siye phambi kwabahluleli abathathu ngaphambi kokuba ngisho sinikezwe ibandla.

74 Manje siyathola, manje ukuthi lawa indoda ayaphuma ngezinye izikhathi, bese kuthi–ke abantu baqale ukucindezela phezu kwawo, "O, mfowethu, uzothini na?"

75 Niyabo, uhamba ngokucabanga, niyabo, indlela ezwa ngayo, "Ngani, iNkosi izokwenza *lokho*, ISHO KANJE INKOSI." Amanga lawo, niyabo. Wena, uma . . . Ungeke wathi ISHO KANJE INKOSI kuze ukuba uNkulunkulu, ngolwimi lwaKhe uQobo, usekhulume kuwe futhi wakutshela lokho, khona–ke akusuwe okushoyo, akusikho ukucabanga kwakho. iBhayibheli lathi uma umprofethi enze lokho, wayehamba ngokucabangela, lokho ngukucabangela, futhi *ukucabangela kunguku* "linga ngaphandle kwegunya," uhamba ngesingaye.

76 Kodwa uma ubona indoda ikhuluma okuzokwenzeka, ngeGama leNkosi, futhi kwenzeke imihla namalanga, iviki neviki, inyanga nenyanga, unyaka nonyaka, khona–ke uyazi ukuthi lokho kuvela kuNkulunkulu. Niyabo? Lezo izincwadi zikaNkulunkulu ezimchazayo kumuntu, ukuthi ungumhumushi weZwi elilotshiwe lalolosuku, ngoba uNkulunkulu wathumela umuntu ukuba akwenze.

77 Ukuba amabandla kuphela abenokunye okuhle, ukufundisa okuphilileyo ngalezizinto, niyabo, bebeyoKuqonda. Into kuphela, sithola umzila owodwa omncane futhi sigijima njengokudlebeleka ngawo, lokho nje ukuthatha kuleyonto eyodwa bese nje wenza umsebenzi wokuzilibazisa ngakho ilokho lonke—lonke ihlelo elaqalela kukho.

78 Ukuba uMartin Luther wayeqhubekele ekungcwelisweni, okeyi. Ukuba amaMethodisti kaWesley ayeqhubekele

embhaphathizweni kaMoya oNgcwele nokubuyiselwa kweziphiwo, bekuyoba ngelilodwa elikhulu ibandla leNkosi, ngasosonke isikhathi. Kodwa bathola leyonto eyodwa encane bese befakazisa ukuthi iqinisile, futhi nampo lapho bekhona. Kodwa, babedingeka bakwenze, iBhayibheli lathi ileyondlela ababeyokwenza ngayo. Niyabo? Futhi kuzofanele kube ngalendlela, namhlanje.

79 Ngithemba ukuthi iklasi lami under–. . .Niyaqonda ukuthi ngichaza ukuthini na? Phakamisa isandla sakho ukuze. . . Niyabo? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi, niqonde, nifanele niqonde. Mngane, Lokhu ngukuPhila kwakho. Uyabo? Lokhu ngukuPhila kwakho. Yebo.

80 Izincwadi zakhe ezimchazayo ngukuthi uNkulunkulu umqinisekisile lomuntu ukuba abe ngumboni.

81 Manje igama lesiNgisi, u *mprofethi*, kuchaza nje u "mshumayeli." Niyabo? Noma ubani, wonke umshumayeli ungumprofethi, ngoba usho into ethize ingakenzeki. Eshumayela iZwi, phansi kokuphefumulelwa, ubizwa ngo "mprofethi."

82 Kodwa eTestamenteni eLidala, babengaphezu kwalokho, babengababoni. Niyabo? Babeyindoda eyayisho izinto eyayizofezeka, futhi yayenzeka. Lokho kumnika amalungelo okuba ngu—ngumhumushi weZwi lalolosuku, ngoba uNkulunkulu wathatha iZwi lalolosuku wayeseLihumusha, qobo lwaKhe, ngaleyondoda. Futhi yilokho ekuzela emhlabeni, ihlala njalo iyisibonakaliso, uma umprofethi efika emhlabeni. Bhekisisani nje lapho sedlula kukho, futhi sibone ukuthi akunjalo yini. Njalo uthumela umprofethi waKhe. Uma ubona umprofethi evuka enkundleni, [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] bukani. Sibheke oyedwa ukuba afike manje, niyazi. Bese kuthi–ke uma nikubona, nikhumbule nje ukuthi into ethize ilungela ukwenzeka. Lokhu izincwadi zakhe ezimchazayo, khona–ke uNkulunkulu uhumusha iZwi laKhe ngaye nangaye. UNumeri 12:6 usho lokho.

83 Futhi, khumbulani, lonke iBhayibheli lalotshwa ngabaprofethi. Ngani na? IZwi leNkosi leza kubo emva kokuba sebeqinisekisiwe. Abaprofethi njengoJasheri, nabanye babo owaphoswa ngaphandle, nabaningi abaprofethi abangazange baqhubeke; kodwa uNkulunkulu unendlela yokushukumisa iZwi laKhe, uma liyiQiniso. UNkulunkulu uzokwehluleka izwe ngento ethize.

84 Abantu beKatolika lapha, bathi, "Uzomehlulela, ahlulele izwe, ngebandla." Uma lokho kuqinisile, manje–ke liphi lona ibandla na? Uma wena uthi, "Ibandla eliKatolika." Liphi lona, elamaRoma, iGreki, noma ini na? Niyabo, onke aphuke aba yizicucu.

85 "Uzolehlulela ngebandla leBaptisti." Manje–ke ibandla leMthodisti ke? Niyabo? Niyabo, Angeke akwenza lokho,

kunokuningi kakhulu ukudideka. Abantu bebengeke bazi ukuthi bebekuphi.

86 Kodwa Wathi, eBhayibhelini, uma nifuna ukwazi ukuthi Uzobehlulela ngani a—abantu. Uzokwehlulela izwe ngoJesu Kristu, futhi UyiZwi. IBhayibheli, manje–ke, liyilokho azokwehlulela ngakho, iZwi eliqinisekisiwe leyo yindlela kaNkulunkulu yokwehlulela, yiBhayibheli. Ngakho akunandaba ukuthi noma yisiphi isivumokholo noma ihlelo lithini, wena hlala kuleloBhayibheli ngqo, ngoba LinguKristu. UJohane oNgcwele, isahluko 1, usitshela lokho.

87 Qaphelani manje, iBhayibheli lalotshwa abaprofethi. Siyabona ukuthi Liyasho ukuthi, "Umuntu wasendulo, eholwa nguMoya oNgcwele, waloba iBhayibheli." KumaHeberu 1, Lithi, "UNkulunkulu, esekhulumile emandulo kobaba ngabaprofethi ngezindlela eziningi, ngalolusuku lokugcina ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu." Niyabo? Ngoba Yayingukubonakaliswa kwalolonke iZwi lomprofethi, futhi Yayingukugcwala kweZwi. IZwi lalikuYo, lonke iZwi. Yayingu *Emanuweli*, "UNkulunkulu obanakaliswe enyameni."

88 UNkulunkulu uyehla ngesimo sikaMoya oNgcwele, amaphiko amabili njengejuba lehla futhi laya phezu kwaYo, lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuyo." Manje iKing James lapho ithi, "ENgithokozile ukuhlala kuyo." Kwenza mehluko muni, "ENgithokozile ukuhlala kuyo," noma, "Kuyo eNgithokozile ukuhlala phakathi"? Niyabo? "ENgithokozile ukuhlala kuYo." Kwakulapho–ke, uNkulunkulu kumuntu, izulu nomhlaba kuyahlangana. UNkulunkulu nomuntu bahlangana. Ihora elikhulu kunawo onke, kuze kube yilesosikhathi, elalikhona emhlabeni, noma elake laba khona.

89 Qaphelani, isibonakaliso seNsika yoMlilo, kwase kuthi–ke iPhimbo lesibonakaliso lakhuluma. Niyabo? Isibonakaliso seNsika, sePhimbo, lase lilapho lilungele ukukhuluma. Isibonakaliso kuphela sakhombisa ukuthi iPhimbo lase lilungele ukukhuluma. Niyawuthola umqondo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

90 Isibonakaliso sikhombisa iPhimbo likaNkulunkulu ukuthi selilungele ukukhuluma, futhi uma uNkulunkulu ekhombisa isibonakaliso njengoba Enjalo ngezinsuku zokugcina. Awu . . .

91 Qalazani. Bukani i—bukani isimilo esibi sabantu namhlanje. Leso yisibonakaliso sikaNkulunkulu. Uma ubona abantu benza kanje, buka ukuthi bayaphi. Wathi, "Bayoya ngokuba babi kakhulu ngokuba babi kakhulu." Bona, bayakwenza, niyabo, leso—leso sibonakaliso sesimilo esibi. Kulungile.

92 Futhi kukhona zonke izinhlobo zezibonakaliso. Izibonakaliso emazulwini phezulu, ukubonakala okwesabekayo, amasoso andizayo; iPentagon iyawabuka, ayazi ukuthi ayini.

Zonke izinhlobo zezibonakaliso: ulwandle luduma, amagagasi, ukusambatheka kwesikhathi, okubangela usizi phakathi kwezizwe, zonke lezizinto, ukuzamazama komhlaba okuningi kuzindawo ngezindawo, umuntu ebaleka eya emuva naphambili, ulwazi lwanda, zonke lezi ezinye izinto Azisho, isiyaluyalu esikhulu. Ukuthi uKristu uyokhishelwa kanjani ngaphandle kwebandla laKhe ngezinsuku zokugcina, onyakeni wase Lawodikeya, sinakho. Niyabo? Zonke lezizinto ziyizibonakaliso zikaNkulunkulu ezikhulumayo.

93 Futhi manje–ke yini ezokwenza lokhu kwaziwe na? UNkulunkulu uthumela omunye enkundleni, into ethize enkundleni ukuqinisekisa lokho, nokuthatha umBhalo okwakhulunywa ngawo wosuku nokulubonakalisa, manje–ke lokho yizincwadi ezichazayo zalo. Lokho, niyabo, leso yisibonakaliso.

94 INsika yoMlilo, kuthi nje i—isibonakaliso singenyukela lapho, kwakuyi—leso kwakuyisibonakaliso ukuthi iPhimbo lase lilungele ukukhuluma.

95 Futhi sibona isibonakaliso sokuphela. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Isibonakaliso sokuphela! Bangaki okukholwayo lokho, thanini amen. ["Amen."] Manje–ke, iPhimbo selilungele ukukhuluma! IPhimbo selilungele ukukhuluma ngoba sibona isibonakaliso. INsika yoMlilo yayilapho ukuba isho ukuthi iPhimbo lase lilungele ukukhuluma.

96 Futhi, sifanele sibe isibonakaliso sangokomBhalo, kufanele kube ukuqinisekiswa kwangokomBhalo weZwi elithenjiselwe lolosuku. Luphelele kahle kanjani uhlelo lukaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi!

97 Manje lalelani, asibuyele emuva nje umzuzwana lapha, umcabango omncane. ETestamenteni eLidala, iBhayibheli lingakalotshwa, babenemibhalo egoqwayo nje kanjalonjalo, lalingakahlanganiswa ndawonye, njengeNcwadi yombhalo kaIsaya, iNcwadi yombhalo ka *Sibani–bani*, abaprofethi. Manje, uma umuntu equbuka nento ethize, ukuthi wayephuphe iphupho, noma wayengumprofethi, into yokuqala, bamthathe bamehlisela ethempelini, kwi Urimi Thumimi yabo.

98 Abefundisi lapha, nabaningi benu bazalwane khona lapho, niyazi ukuthi yayiyini iUrimi Thumimi. Yayi—yayiyisivikelo sesifuba sika Aroni. Babesilengisa phezulu ensikeni ethempelini. Futhi manje qaphelani, nxa lowomuntu eqala ukukhuluma, futhi, uma noma yini ayishilo, uma yayingesilo iqiniso, lokho kuKhanya kwakuma ngqi; kwakungelutho. Kodwa akushilo, uma kwakuyiqiniso, khona–ke isibumbatha seziNkanyiso, njengothingo lwenkosikazi, ziqala ukubaneka. Nalokho kwakubizwa ngeUrimi Thumimi. Abafowethu uyakwazi

lokho. [Abazalwane bathi, "Amen."] Impela. Impela, leyo kwakuyiUrimi Thumimi.

99 Kwakuyini na? Isibonakaliso, akunandaba ukuthi kwakuzwakala kanjani, isibonakaliso sifanele sinikezwe nePhimbo. Amen. Niyabo, isibonakaliso siyafika bese–ke kuba yiPhimbo. Kufanele kube yilokho, kungenjalo iPhimbo alivunywa. Kunjalo. Akunandaba ukuthi iPhimbo litheni, ukuthi lizwakala liyilo ngempela kanjani, uma leyoUrimi Thumimi ingazange ikumemezele, khona–ke kwakungalungile.

100 Futhi noma yiluphi uhlobo lwesibonakaliso olukhonjiswe namhlanje. . . Ngiyazi uNkulunkulu angenza izinto engalotshiwe eBhayibhelini, kodwa, kimi, siphila ehoreni esifanele sicophelele ngempela. IUrimi Thumimi namhlanje yiBhayibheli likaNkulunkulu. Elikhombisa ukuthi yini efanele ukwenzeka namhlanje.

101 Uma becabanga, "Sifanele sakhe inhlangano enkulu ngokuthe xaxa, sifanele, singene eMkhandlwini weNkolo yobukristu, leso yisibonakaliso sobunye." Kimi, yisibonakaliso somphikukristu. Yilokho impela iBhayibheli elakhuluma ngakho. Impela. Akusiso isibonakaliso sangokomBhalo; kuphela, ngakolunye uhlangothi, kwazisa ikholwa ukuthi kuqonde ngaphi. IUrimi Thumimi iyiZwi likaNkulunkulu; nalokho Athi kwakuyokwenzeka ngezinsuku zokugcina, yilokho impela okufanele kubaneke. Futhi yisibonakaliso esingalungile.

102 Indoda ithi, "Awu, ngine Ph.D., LL.D., ngenziwa *ukuthi–nokuthi*. NginguDokotela u *S'bani–bani*." Leso akusibonakaliso seBhayibheli. "Ngiyazi ngaLo. Awu, ngiyinhloko ka *S'bani–bani*. Ngiyindoda yesifundazana. Ngingu—ngingumbhishobhi. Ngingu. . . " Angikhathali ukuthi uyini.

103 Sinye kuphela isibonakaliso esisifunayo, nalokho ngukuqinisekiswa kweZwi likaNkulunkulu, uma lingu ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiPhimbo lesibonakaliso, iZwi likaNkulunkulu kuqala. Ngenkathi iUrimi Thumimi ikhuluma, bathi, "Kunjalo." Ngenkathi lezo ziNkanyiso zibaneka, isibonakaliso sasilapho, iPhimbo laliqinisile. Qaphelani ukuthi abantu ukwenze kanjani—kanjani lokho kube yize namhlanje, ngamasiko abo!

104 UJesu Kristu wathi, ekuthumeni kwaKhe kokugcina ebandleni laKhe, kuMarku 16, emva kokuvuka kwaKhe; Wathi, "Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwa uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Uma lokho kungabaneki kuUrimi Thumimi yempilo yakho, kukhona okungalungile. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngeGama laMi bayakukhipha amademoni; bakhulume ngezilimi

ezintsha; uma bengahle baphathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Nomuntu ngemfundo ekhaliphile, kuze kuyoba yichashaza eliphakeme kunawo onke, aphike leyoNto; ingabaneka kanjani kuUrimi Thumimi kaNkulunkulu, kanti Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo"? IZwi likaNkulunkulu, kuLo jikelele, liqinisile.

105 Ngakho iUrimi Thumimi izofanele ibaneke kanye nesibonakaliso. Uma isibonakaliso sizo . . . Angikhathali ukuthi wenzani, uma kungahambisani, wenza ngokuhambisana naleloZwi, khona–ke kukhona okungalungile. Angikhathali ukuthi wenzani, kukhona okungalungile. Kufanele kufike eQinisweni. Akasitshelanga yini uJesu, kuMathewu 24:24, "Imimoya emibili iyosondelana kakhulu ngezinsuku zokugcina, iyadukisa nabakhethiweyo uma kungenzeka"?

106 Manje faka ikepisi lakho lokucabanga, hloma izikhali zakho zikaNkulunkulu. Lalela umzuzu nje. Qaphelani, sifanele size ncamashi ngendlela Athi asikwenze ngayo. Indlela nje uNkulunkulu athi asikwenze ngayo, yileyondlela esifanele sikwenze ngayo. UJesu athi kwakuzokwenzeka, yilokho okuzokwenzeka. Uma Athi, "Lezizibonakaliso . . . "

Bathi, "Lokho kwakungokwabaphostoli nje."

107 "Ezweni lonke, nakukho konke okudaliweyo!" Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kukuphi lapho Athi, "Kubaphostoli nje"? "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakulandela, ezweni lonke, nakukho konke okudaliweyo."

108 Umuntu ethi, "Emuva *lapho*," uzama ukwedlula iNto. Lowo akusuye umprofethi. Ngumprofethi wehlelo, kodwa hhayi umprofethi othunywe evela kuNkulunkulu. Angahle abonakalise elinye ihlelo, noma esinye isichasiselo esibonwa ngokucabanga nje, esinye isikole, enye isayensi ephathelene nenkambo elungileyo.

109 Kodwa ngikhuluma ngoNkulunkulu neZwi laKhe, iUrimi Thumimi yangokomBhalo, isibonakaliso sangokomBhalo, iPhimbo langokomBhalo emva kwesibonakaliso.

110 UJona, umprofethi, wayeyisibonakaliso. Isibonakaliso sakhe sasingenkathi ekhafula, umkhomo wamkhafulela phezu kosebe, leso kwakuyisibonakaliso. Labo bantu babengabahedeni, bedobela ukuziphilisa. Futhi babone unkulunkulu womkhomo engena, lonkulunkulu wolwandle, futhi athathe umprofethi futhi amkhafulele phezu kosebe, ukunikeza umlayezo, futhi wasuka wehlela osebeni. Kwakukhona isibonakaliso. Manje iPhimbo lalingukuthi, "Phendukani noma nibhubhe!" Ngaphambi kokuba uNkulunkulu ashaye lesosizwe, ukusidabula sibe izicucu futhi asicwilise phansi kolwandle,

wathumela umprofethi neZwi laKhe wanikeza isibonakaliso, isibonakaliso esingaphezu kwemvelo.

111 Khumbulani, lesosibonakaliso sihlala ngisho kuze kube yilolusuku. UJesu wakhomba kuso. Wathi, "Njengomprofethi uJonase wayesesiswini somkhomo, izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo neNdodana yomuntu ifanele ukuba njalo. Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna izibonakaliso. Futhi bazosithola, isibonakaliso sokuvuka." Uma sake saba sesizukulwaneni esibi nesiphingayo, simanje, uJesu athi siyobakhona. "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Manje–ke, sisesizukulwaneni esibi nesiphingayo, futhi bazothola isibonakaliso sikaKristu ovukileyo, onguyena izolo, namuhla naphakade. UJesu washo njalo. Kunjalo.

112 UJona uyavela, wayengumprofethi. INkosi yamthuma. Wazama ukukwedlula, njengoMose.

113 Ungeke uyedlule indaba-mlonyeni. Indoda amaningi ayofuna ukukumbambatha emhlane, bese ethi, "Woza ungene eqenjini lethu. Woza ungene eqenjini lethu." Akukho qembu. UNkulunkulu nguye kuphela ophansi kwakhe. Niyabo? "Woza kithi."

114 Wedlula futhi wahamba, waqala ukuya eTharishishi. UNkulunkulu wamfaka emkhomeni, wamthumela emuva ngqo. Futhi wahamba wangena lapho, naleso kwakuyisibonakaliso. NePhimbo lesibonakaliso, lalingukuthi "Phendukani noma nibhubhe!" Balandela iPhimbo ngoba basikholwa isibonakaliso, futhi ababhubhanga. Naleyo iyona ndlela kuphela eyayiyo, ngoba basikholwa isibonakaliso futhi balizwa iPhimbo.

115 Yileyondlela kuphela amalunga amabandla alolusuku ayokwehluleka ngayo ukungena ekwaHlulelweni, yingenkathi ekholwa khona yisibonakaliso nokuzwa iPhimbo likaNkulunkulu.

IPhimbo lalingukuthi, "Phendukani noma nibhubhe!"

116 UNowa, umprofethi, ngaphambi kokuba uNkulunkulu abhubhise izwe lasemandulo ngozamcolo, uNowa wangumprofethi. Umprofethi wayeyisibonakaliso. Ini? Lokho kwahlulelwa kwase kuseduze. UNowa akha isibonakaliso sakhe kubo, umkhumbi ayewuveza; eshumayela iVangeli, iPhimbo likaNkulunkulu lakhuluma phansi, nezwe labhujiswa.

117 UJohane, umprofethi, emva kweminyaka engamakhulu amane kungekho mprofethi, eside kunazo zonke sesikhathi uIsrayeli ake ahamba engenamprofethi. Wayenzani uNkulunkulu na? Wamyekelani ahambe iminyaka engamakhulu amane na? Wayefuna umprofethi ukuba abe ngogqame kakhulu—kakhulu kubantu, ukuthi babezoqonda futhi balalele kulokho indoda eyayikushilo. Waprofethwa ngokuza. Bathi, kuMalaki 3, "Bhekani, Ngiyathuma isithunywa saMi

phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela." Futhi babekade bengenamprofethi iminyaka engamkhulu amane, futhi nakhu kufika umprofethi, uJohane, enkundleni. Ukubonakala kwakhe kwakuyisibonakaliso, isibonakaliso (ini) ukuthi ukufika kukaMesiya kwasekuduze. Wayedonsa ukunaka kuIsrayeli.

118 Niyazi, kuthenjiswe ukuthi kufike futhi ngosuku lokugcina, kunjalo, aqoqe abantu futhi nokuheha ukunaka kwabo, izinhliziyo zabo, zibuyele kobaba, ukuqala. Athathe zonke lezi lapha izivumokholo nezinto, futhi akususe, bese bebuyela kulokho okwashiwo iBhayibheli, "babuyele ekuKholweni kwawobaba." Eqinisekisa, uNkulunkulu wethembisa ukukwenza.

119 Qaphelani manje, ukubonakala kwakhe kwakuyisibonakaliso ukuthi uMesiya waseseduze, iminyaka engamakhulu amane. Futhi ngabe bamemukela na? Abamkholwanga. Impela, abazange. Babengahlanganise lutho nalokho, ngoba ukushumayela kwakhe kwakuphambene. Abakukholwanga ayekusho. Nokho, wayeyisibonakaliso, ngoba abantu babazi ukuthi wayengumprofethi. Babazi ukuthi into ethize yayilungiselela ukwenzeka. Niyabo?

120 Njalo, ngaphambi kwesenzeko. Manje sedlule amakhasi amabili noma amathathu lapha, emizuzwini embalwa edlule, ngabaprofethi abehlukene. Ukunikhombisa nje, ukuze niqonde. Ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini, uNkulunkulu ufika nomprofethi, ukuqinisekisa iZwi laKhe. Nalokho kufika komprofethi kuyisibonakaliso.

121 Manje, uJohane wayeyisibonakaliso, ngoba wayengumprofethi, ukuthi uMesiya wayeseseduze. Manje sithola uJohane, isibonakaliso so—so . . . sokufika kukaJesu. Siyazi ukuthi uma uNkulunkulu ekhuluma futhi asho lezizinto, kuzokwenzeka. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, isibonakaliso sokulungiselela, uJohane wayeyiso. Wayezoba yisibonakaliso sokulungiselela. Niyakholwa ukuthi wayeyisibonakaliso sokulungiselela na? ["Amen."] Awu, manje–ke, uma efika–ke, ngesibonakaliso sokulungiselela, uyeza futhi ngesibonakaliso sokulungiselela.

122 Qaphelani, umlayezo wakhe wawungukuthi, nemvelo yakhe yayingukuthi, njengokufanayo impela umoya wakhe ayegcotshwe ngawo. Wayenjengo Elija. UJesu washo. "Basholoni ababhali ukuthi uEliyase umele ukufika kuqala na?"

123 Wathi, "Usevele ufikile, futhi nenza kuye enikuthandayo. Niyabo? Kanjalo iNdodana yomuntu nga ihlupheka phansi kwezandla zabo, ngoba wonke umbhalo kufanele igcwaliseke."

124 Bhekisisani uJohane, bukani ukuthi uJohane wenzani. UJohane wayeyindoda egqamile, uvumbuka engaveli ndawo. Wayenjalo noElija. Bobabili wayengabathandi behlane. Futhi, khumbulani, bobabili babadalula abesifazane ababuso

bupendiwe, abesifazane abanesimilo esibi. Nezimvelo zabo kwakufana; ncamashi njengo Elija, wayenjalo noJohane. Futhi bobabili bathi ukuthatha indlela efanayo ethathwe womunye, nomunye.

125 Kodwa uJohane wabanguye owamemezela futhi wethula uMesiya. Qaphelani, wethula uMesiya. Esola abesifazane abanesimilo esibi!

126 Bukani namhlanje, esibabiza ngabaprofethi bamabandla namhlanje, bese–ke bezibiza "ngabakaNkulunkulu"? Abanye balabababaprofethi baka Ahabi besimanje nobuso babo obuncane obupendiwe, izinwele ezifishanisiwe, oJezibeli abagqoka izikhindi behamba bebahola noma yikuphi lapho befuna ukuya khona, bese–ke bezibiza ngodokotela, kanjalonjalo, "beBhayibheli"? Kungaba kanjani na? Bango Ahabi, yebo, imfundiso yezivumokholo zabo, bayesaba ukwehla kuyo, bayesaba ukuthi bazokhishwa ehlelweni labo, noma okuthize.

127 Ake nginitshele, cishe kungalesosikhathi ngenkathi uNkulunkulu njalo evusa into ethize enkundleni, ukukugxeka. Wakwenza ngezinsuku zika Ahabi. Wakwenza ngezinsuku zikaJohane. Wethembisa ukukwenza futhi ngezinsuku zokugcina, futhi Uzokwenza! Sekuyisikhathi impela ukuthi sethenjiswa lokhu, ngalesosikhathi ukuthi sizobona uMalaki 4 egcwalisekile, khona impela Akusho; isibonakaliso sokwahlulela okuzayo, umlilo ovuthayo oyobhubhisa konke ukungakholwa, nabalungileyo bayophuma bahambe phezu kwemilotha yababi. Kwethenjisiwe. Kuprofethiwe. Ngu ISHO KANJE INKOSI. Kufanele. Lizokwenzani iPhimbo lakhe, uma lomuntu efika enkundleni na? Kuzobekwembula iZwi likaJesu Kristu elithenjisiwe. Lokho yiyonanto kuphela impela okungaba yiyo, ngokuba iBhayibheli lathi, kumaHeberu 13:8, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Kunjalo.

128 Washo futhi, kuLuka 17:30, "Ekubeni njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho iNdodana yomuntu iyokwembulwa." INdodana yomuntu iprofethwa ukuba yembulwe. Futhi nhloboni yesambulo eyoba yiso na? Kuyoba yisambulo sokuphila kwaYo, emva kokubethelwa iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, futhi ivukile kwabafile futhi iphila kanye nathi. Iyokwembulwa! Ngoba, impela izinto ezifanayo abazenza eSodoma, kuzofanele kubuye futhi. ungawuhumusha noma ngayiphi indlela ofisa ngayo, kodwa nakho. Kungamaqiniso nje, kuyazihumusha. IZwi alidingi kuhunyushwa uma Likwenza qobo lwaLo. Lembula uKristu esithembisweni sonyaka, yilokho impela okuyofika enkundleni.

129 UPawulu, wayenesibonakaliso. Ake simbhekisise. Niyakholwa ukuthi uPawulu wayengumprofethi na? Impela wayenguye. Manje qaphelani. UPawulu wafika enkundleni,

futhi wabona isibonakaliso. Nhloboni yesibonakaliso asibonayo na? INsika yoMlilo, esendleleni yakhe ebheke eDamaseku, eyiJuda. UJesu wayesefile, wabethelwa, wavuka, wenyukela eZulwini, noPawulu wayesendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku ngenkathi ukuKhanya okukhulu kumshaya kumlahla phansi. Wayesememeza, "Nkosi, UnguBani na?"

130 Wathi, "NginguJesu." Futhi watshelwa ukuthi wayebizelwe ukuba yisitsha esikhethiweyo, isitsha esikhethiweyo.

131 Manje qaphelani, wayenani uPawulu, bonke abanye ababengenayo na? Wayenobuningi besambulo seZwi likaNkulunkulu, ngoba kwakunguPawulu owavuma ukuthi uJesu weTestamente eLisha wayenguJehova weLidala. Haleluya! Bengingasho okuthize lapha. Wayenesambulo saLo. WaLiloba futhi waLembula, ngoba uNkulunkulu waLivumela ukuba lenezelwe eBhayibhelini. NeZwi lifika kuphela ngeBhayibheli, ngomprofethi. Futhi ngakho–ke uNkulunkulu wembula kuPawulu, futhi waloba izincwadi amaletha, ephefumulelwe, noNkulunkulu wazifaka eBhayibhelini. O, he! Wembula ukuthi UnguKristu weTestamente eLidala, ngoba wahlangana naYe.

132 Wayengaqondi ukuthi yayikanjani leyoNsika yoMlilo. Lowo kwakunguYe owahola abantu bakubo baphuma eGibhithe. Lowo kwakunguYe owayekade enamaHeberu wonke unyaka. Futhi, naNgu, uMbonile. Wathi, "Nkosi yini Oyifuna ngaMi na?"

Wathi, "NginguJesu."

133 Ubonile ukuthi Lo owayekade ehole abantu bakubo, ayekade ayemazi ngasosonke isikhathi, uMose ahlangana naye, u "NGINGUYE," okhona njalo, onguyena izolo, namuhla, naphakade, wabonakaliswa enyameni. Kwakuyisambulo sakhe. WayenaLo ngaphezu kwanoma yimuphi omunye wabo. Waye . . . futhi wayenaLo lilikhulu kakhulu waze . . . funa aphakanyiswe phezu kobuningi besambulo anikwa sona. O, he!

134 Wenzani na? Isambulo sakhe manje–ke sasiyisiprofetho sanamuhla. KwakuyiPhimbo livela, lilotshwe eBhayibhelini, ukuba liqinisekiswe namhlanje futhi. Haleluya! YiPhimbo liqinisekiswa futhi, Akuloba, ngoba wayengumprofethi kaNkulunkulu, embula. Isibonakaliso sasikhuluma ngento ethize.

135 Futhi siyaqaphela manje lokho, uJesu, ngenkathi Efika enkundleni, qaphelani, WayeyiZwi eliprofethiwe. Wayenenkonzo yokuba ayigcwalise. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, Wayenenkonzo, qaphelani, yokuba igcwaliseke, eyayilotshwe ngaYe. Wakusho lokho, ngobunye ubusuku njengoba ngakhuluma, kuKleyophase nabanye, "O nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukukholwa iZwi likaNkulunkulu. Anazi yini ukuthi uKristu ubemelwe ukuhlupheka ngalezizinto na? Abakhulumanga yini

bonke abaprofethi ukuthi ubemelwe ukwenza lokhu, bese–ke engena enkazimulweni yaKhe na?" Ufanele agcwalise konke Akufikelayo. Ufikela ukuphilisa, ukuze kugcwaliseke. Wenza *lokhu*, ukuze kugcwaliseke. Yonke into ayenzile yayingeyokuba igcwalise, ngoba Wayefanele abe yiPhimbo lalowomBhalo. Kodwa ngaphambi kokuba Akwenze, Waphuma nenkonzo yokuphilisa, ephilisa abagulayo. Wonke umuntu wayefuna ukubona isibonakaliso. Impela, babekukholwa ukuphilisa, kodwa iPhimbo lakushintsha.

Ngolunye usuku, ngenkathi Ethi, "Mina noBaba simunye."

136 Lokho, lokho kwakukukhulu kakhulu kubo. "UZenza uNkulunkulu, ungumuntu." Ngenkathi i—isibonakaliso, basikholwa, kodwa ngenkathi bezwa iPhimbo emva kwaso, inkonzo eyalandela lesosibonakaliso, abalitholanga. Yangena ngaleyonkathi ke inkathazo.

137 Khumbulani, Wakhetha abayishumi nambili. Wathi, Wa "bakhetha ngaphambi kokusekelwa kwezwe." Wathi, "Ngikhethe abayishumi nambili, nomunye wabo uyidemoni." UPawulu wadingeka athathe leyondawo, ukuba abe ngokhethiweyo.

138 Futhi qaphelani, futhi ngenkathi Enza, ngolunye usuku Uqala ukukhuluma kubantu, futhi Wathi, "Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu, futhi niphuze iGazi layo, akukho kuPhila." Babengathini udokotela ngalokho na? Manje, Akazange akuchaze. Akazange asho noma yini . . .

139 Ufikela nje abaningi kangaka. Labo Ayebazi ngaphambili, Ufikela bona. Yena, Wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Nabo bonke uBaba aNgiphe bona, bayoKuqonda, bayoza. Niyabo? Niyabo, bayoza. BayoKuqonda, lo uBaba aNgiphe yena, abamagama abo liseNcwadini yokuPhila." Ufikela ukubahlenga.

140 Manje siqaphela lokho, kulelo—kulelohora elikhulu, Wathi, "Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu, niphuze iGazi laYo."

141 Nicabanga ukuthi abantu bacabangani nje? "Ngabe leyondoda Isangene na? Ngabe Ifuna thina sonke siphenduke izimuzimu na? Futhi mane mhlampe Izophumela ndawondawo futhi Izibulale, futhi sifanele ukudla inyama yaYo futhi siphuze iGazi laYo na?" Niyabo, abazange bakuqonde.

142 Watshela uNikodemu, wathi, "Uma ngikutshela izinto zomhlaba, futhi awukuqondi, uzoziqonda kanjani izinto zaseZulwini, uma Ngikutshela." Niyabo? Ngakho, sithola ukuthi abakuqondanga. Ngakho, ibandla laphunguka.

143 Ngakho–ke Wathi, futhi, "Nxa nibona iNdodana yomuntu yenyukela lapho Eyavela khona."

144 Manje–ke abefundisi abangamashumi ayisikhombisa, yonke inhlangano, yathi, "Yini indaba ngaleNdoda na? INdodana yomuntu yenyuka na? Futhi lapha sidla naYo, silala naYo, sidoba naYo, siphandle ezintabeni naYo, sacambalala ezingwadule naYo, ngasezingweni zemifudlana naYo, futhi manje–ke futhi iyenyuka; sibone umbhejana eyathunduzelwa kuwo, sakhuluma nomama waYo, samazi uJosefa, wayefanele ukuba ngubaba waYo. Siyazazi zonke lezizinto. Futhi manje–ke Yathi, 'INdodana yomuntu yenyukela lapho Evela khona.' O, kungaba kanjani lokho na?" Niyabo? Kodwa YayiyiZwi. Behluleka ukubona ukuthi YayiyiZwi.

145 Njengoba ngacaphuna ngolunye usuku, omunye wemiBhalo egqame kakhulu impela, ukuthi ngenkathi uJesu, eneminyaka eyishumi nambili ubudala, ngenkathi beMshiye eMkhosini wePhentekoste, wayehambe izinsuku ezintathu futhi abangaMthola. Bayabuya. UMariya wayekufakaze ngokuqinile lokho, ukuthi "uMoya oNgcwele wasibekela" yena futhi wazala lowoMntwana. Kodwa eseMthola ethempelini ephikisana nalezozazi–mthetho, wathini na? Wathi, "Uyihlo nami besiKufuna ngezinyembezi." Wenzani na? Wagxeka ubufakazi bakhe uqobo, ebiza uJosefa ngobaba waKhe. Manje, uma engumama kaNkulunkulu, kuthiwani ngalokho na? Niyabo?

146 Bhekisisani, iZwi njalo liyaqondisa. Lowo mfana omncane oneminyaka eyishumi nambili ubudala, engakaze aye nosuku esikoleni, njengoba sazi ngaye, umntwana nje. Akazanga ukuthi Wakusho, mhlampe, kodwa bhekisisani ukuthi Wathini, "Anazi yini ukuthi ngimele ukuba semsebenzini kaBaba waMi na?" [Aqoshwanga eteyipini—Umhl.]

147 Futhi uyiZwi namhlanje! Nguyena izolo, namuhla, naphakade. "Anazi yini?" Ukuba Wayekade esemsebenzini kaJosefa, Wayeyobe kade enza umsebenzi wombazi. Kodwa WayekokaBaba umsebenzi kaBaba waseZulwini. Wayephandle lapho eqhumisa lezo zinhlangano ababenazo enhla lapho, nakho konke lokho kukwenze amathizethize. Wayekudabula kube zicucu. Futhi bamangala, umfana omncane kanjalo, owayazi lokho. KwakunguNkulunkulu ekhuluma ngaYe, ngoba WayeyiZwi lalolosuku. Qaphelani ukuthi lokho kuphelele kanjani. UKristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

148 Isambulo sakhe, siyathola, siyafana. Wa—Waqala ukuphilisa, futhi, ngenkathi enza, yonke into yayikahle. Kodwa manje–ke ngenkathi Eqala uku, yiPhimbo, liqala ukukhuluma, "Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu."

149 Awu, bona, ibandla, lasuka lahamba. "O, lowomfo, asisafuni ukuphinde siMuzwe. Lowomfo Usangene."

150 Bakukhohlwa konke lokho Ayekwenzile, ukubonakaliswa. Abalifundanga iBhayibheli, ukubona ihora ababephila kulo.

Impela, WayewuMuntu oyinqaba. UNkulunkulu ukwenza ngaleyondlela. Basho izinto eziyinqaba.

151 Kungani—kungani uMikhaya engavumelananga nabobonke abanye abaprofethi abangamaIsrayeli ezansi lapho, phambi kukaJohoshafati nabo na? Niyabo? Kungani bengazange na? WayeneZwi leNkosi, ayefanele alisho. Wathi, "Ngisho kuphela okushiwo nguNkulunkulu." Futhi babenegunya langokomBhalo ukukhombisa ukuthi babeqinisile, kodwa hhayi wonke umBhalo. UJesu wathi, "Kulotshiwe futhi." Niyabo? Abaqondanga.

152 Manje qaphelani njengoba sesivala manje. Sishiywa isikhathi. Yebo, ngiyaxolisa sengihambe isikhathi eside kakhulu, futhi ngizosheshisa masinya impela manje ngenzele umugqa womkhuleko. Amanye nje amazwi ambalwa engifuna ukuwasho lapha.

153 Qaphelani, umprofethi uyafika, futhi uma efika kukhombisa isibonakaliso, futhi manje-ke kukhona iPhimbo kulesosibonakaliso, elikhulumayo, iPhimbo elikhulumayo, iPhimbo langakomBhalo elizohambisana neBhayibheli, libonakalisa iZwi lalelohora. Bekuhlala njalo kungaleyondlela, kuyohlala njalo kungaleyondlela, ngoba uNkulunkulu angeguquke.

154 Manje qaphelani inkonzo yokuqala kaJesu, o, bona bonke, wonke umuntu, wayeMfuna ebandleni labo, "O, he, UnguMfo omkhulu!" Impela, Wangena kuwo onke amasinagoge, wafunda imibhalo egoqwayo wase ehlala phansi. Wonke umuntu, "URabi osemncane!"

155 Kodwa ngolunye usuku Uqala ukukhuluma kubo ngenye indlela, iPhimbo lesibonakaliso liqala ukukhuluma. Futhi ngenkathi iPhimbo liqala ukukhuluma, akukho muntu owayeMfuna. Omunye wabo wathi, "Lomuntu uyahlanya. Yizimuzimu, ezama ukwenza izimuzimu ngathi sonke." Niyabo? Akazange akuchaze. Ubayeka bahambe.

156 Olandelayo ofikayo, sithola ukuthi amashumi ayisikhombisa, inhlangano yobufundisi Ayekade enayo inaYe, ngenkathi befika, "Awu, loMuntu angabe enyuka kanjani na? Kanjani na? UnguBani na? Ngani, lapha UZenza alingane noNkulunkulu. Lilukhuni lelozwi." Futhi bahamba basuka kuYe.

157 Wayesephendukela kubafundi, Wayesethi, "Nifuna ukumuka, nani na?" Niyabo? Babengenakumuka. Babebone into ethize. Babewazi umBhalo futhi bazi ukuthi kwakuyilowo. Babengenakukuchaza Ayekhuluma ngakho, kepha nokho bakukholwa noma kanjani. Abazange babuze mibuzo; akubakhathazanga neze. Bakholwa ngoba kwakungukuqinisekiswa komBhalo. "Niyakukholwa Lokho na?"

158 UPetru wathi, "Nkosi, besingaya kubani na? Wena wedwa unamaZwi okuPhila okuPhakade." Bakubonile. Babekwazi lokho, Yena, ukuthi WayenguBani—WayenguBani, futhi yilokho Afanele ukukwenza. "Akunandaba, ngeke sakuchaza." Niyabo, babemiselwe ukuPhila, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngenkathi lokho kuKhanya kukushaya, bakwazi. Kwakungekho–nto ezobagudluza kukho, akunandaba. Kwakubukeka sengathi abaFarisi babemvalele phakathi, ngapha nangapha, akubakhathazanga labobafundi. Baqonda phambili ngqo noma kanjani, ngoba bakukholwa. IPhimbo laKhe lakhuluma ngaleyonkathi.

159 Manje ngingahle ngisho lokhu. IPhimbo laKhe liyokhuluma ngolunye usuku, isibonakaliso siyofika, futhi Liyokwenzani na? Isibonakaliso saseLawodikeya sifanele sifane njengoba sasinjalo ngaleyonkathi. Kuyoba nePhimbo elikhuluma kithi ngosuku lokugcina. Khumbulani, isibonakaliso saseLawodikeya! UJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade; futhi ngenkathi Ekhishelwa ngaphandle ebandleni lapho. Onyakeni waseLawodikeya, siyathola, Ukhishelwa ngaphandle futhi, ngaphandle.

160 Bukani, iPhimbo, "Uma noma yimuphi umuntu eyobambisana, uma noma ubani eyoNgingenisa, Ngiyakuza futhi ngidle nabo, nabo naMi. Ngiyakungena futhi—futhi Ngiyaku—Ngiyakuba kubo." Emi ngaphandle kwesikhundla sonyaka webandla, engqongqotha, ezama ukungena. [UMfowethu Branham ungqongqotha kaningana phezu kwepulpiti—Umhl.] "Uma noma yimuphi umuntu eyovula umnyango bese nje ebambisana naMi kancanyana, Ngiyakungena futhi ngidle nabo. NgiyakuZazisa kubo. Uma nje Ngingangena, njengoba Ngenza endleleni ebheke eEmawuse ngalobobusuku, eEmawuse. Uma nje Ngingangena, NgiyakuZazisa kubo." Manje, iBhayibheli lathi yileyondlela okuyoba ngayo, futhi yileyondlela okuyiyo.

161 UKristu, "Ngidle, Ngizembule kubo, Ngiyakwembula ukuthi Nginguyena izolo, namuhla, naphakade. INdodana yomuntu iyokwembulwa ngalolosuku, lapho bonke ububandla nayoyonke enye into iba yiSodoma nanjengalokho. Ngiyakuba ngaphandle, kodwa ngiyobe ngingqongqotha, ngizama ukungena."

162 Manje, futhi, uma ningakholwa u—ukubonakaliswa okuqinisile kwalelihora esiphila kulo! Angizukuba naso isikhathi sokuqhubekela kulokhu. Kodwa uma ningenakukuthola, futhi nikwazi ukubona manje, ukubonakaliswa okuqinisile; ukuthi uNkulunkulu ukhombisa isibonakaliso, nesibonakaliso sinePhimbo langokomBhalo. Niyaqonda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Asikhuleke.

163 Nkosi Jesu, iZwi nje elivela kuWe manje, lokuqinisekiswa, ukuthi kuyiqiniso. Manje, Baba waseZulwini, siyaqonda ukuthi bekungaba yini ukuphela kwethu uma sifunyanwa singufakazi wamanga waKho. Bengingayaphi, Nkosi, bekungenzekani kimi na? Bekungaba kuphi ukuphela kwami, uma ngifunyanwa ngingufakazi wamanga, noma ngakhe indlu phezu kwamabibi noma isihlabathi esibishayo na? Nkulunkulu, sisize, amakholwa angempela, uma simele sime sodwa, sime eZwini. Sibona isibonakaliso saKho, Nkosi. Sibona ukuthi into ethize ilungela ukwenzeka. Siyazi ukuthi isikhathi sokuphela silapha. Siyazi ukuthi sithenjiselwe thina, manje kwangathi singehluleke ukusibona. Woza, Nkosi Jesu. Wena uyafana. UnguJesu, kulobubusuku. Uma ungathola omunye umuntu ukuba nje aKumeme ungene, ukuthi Ungangena, khona–ke Uzozazisa kubo. Siphe khona, ngiyakhuleka kulobubusuku, ngeGama likaJesu. Amen.

164 Ngileyithi kancane nje, bangani. Ngizoba cishe nje yimizuzu eyishumi noma ishumi nanhlanu, sinayo. Ngizobiza abanye, umugqa womkhuleko. Angizange ngiliqaphele iwashi lami.

165 Nginewashi engalithola eSwitzerland, ngaphiwa lona. Ngiyaliwayinda bese likhala, kodwa ialamu li. . . Angiliphethe ngalesisikhathi. Ngikhohliwe ukuliletha. Manje, liyangidida ngezinye izikhathi. Ngikhulume isikhathi eside kakhulu. Ngithetheleleni. Mhlawumpe ngizokulungisa, mhlawumbe kusasa ebusuku.

166 Amakhadi omkhuleko, bekuyiliphi lelo, ibithini inombolo na? Unikeze maphi amakhadi omkhuleko na? Hhe? U E, kwelokuqala kuya ekhulwini na? Sibize kuphi okokugcina, ukhona okhumbulayo na? Kwelokuqala, siqala kwelokuqala, bese–ke kuya emashumini amahlanu; noma amashumi amabili-nanhlanu noma ndawondawo, bekungamashumi amahlanu ngaleyonkathi. Asibize kusukela kwelamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ke, kulobubusuku. Sibize kusukela kwelokuqala, elamashumi amabili nanhlanu, nelamashumi amahlanu, manje asibize kusukela kwelamashumi ayisikhombisa-nanhlanu.

167 U E, wamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, ubani onekhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko u E, wamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, phakamisa isandla sakho. Qalazani emakhadini enu. Nisho ukuthi alikho lapha na? Manje–ke siqala kusukela ndawondawo. . . O, ngiyaxolisa. Kulungile, u E, wamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, nenekazi. Kulungile. Woza ngapha, nenekazi, khona lapha, amashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Amashumi ayisikhombisa-nesithupha, amashumi ayisikhombisa-nesikhombisa, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalombili, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalombili, akume labo abahlanu. Owokuqala, owesibili, owesithathu,

owesine, sishoda ngomuntu oyedwa. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, *nangu* owesihlanu. Kulungile. Kulungile. Elamashumi ayisishiyagalombili kuya kwelamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, yimani, ku E, amashumi ayisishiyagalombili kuya emashumini ayisishiyagalombili-nanhlanu.

168 Manje khumbulani, ngamunye wenu nalawomakhadi uzobizwa. Ningakhathazeki nje. Sizolithola. Amashumi ayisishiyagalombili kuya emashumini ayisishiyagalomibili-nanhlanu, kulungile. Amashumi ayishiyagalombili-nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye. Owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. U E, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye. Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye. Amashumi ayisishiyagalolunye kuya ekhulwini, ku E, bamise. Wozani nganeno ngaku *lo*luhlangothi.

169 Mfowethu uRoy, ngisize ubabale, ubone ukuthi bakhona yini, umzuzu nje, ngisa . . .

170 Manje bukani, abanye benu lapha abanawo amakhadi omkhuleko, nokho niyagula. Nifuna amandla kaNkulunkulu aphilisayo, isibusiso sokuphilisa sikaNkulunkulu. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyazi uNkulunkulu angangiphilisa."

171 Kulungile, uma uthanda, yehlela lapho, Mfowethu Roy, futhi umsize ngokushesha impela, uma uthanda, ngoba sishiywa yisikhathi. Yehla futhi ubasize, uma uthanda, ngokushesha impela. Futhi . . .

172 [Umfowethu uthi kuMfowethu Branham, Kungakuhle ukukusho ngesiPenishi."—Umhl.] Ya. Ufuna ukukusho ngesiPenishi. [Omunye uthi, NgesiPenishi, "Del numero noventa a cien, noventaiuno, noventaidos, noventaitres, noventaicuatro, noventaicinco, noventaiseis, hasta cien."] Ya, usho lokho, niyabo, nakhu kuza oyedwa obengeke eze. Niyabo?

173 Beningamangala ukuthi kunjani phesheya kwezilwandle, mhlawumbe kanye njengaseAfrika. Nganginabahumushi abayishumi nanhlanu bemi lapho, phambi cishe kwabantu abangamakhulu amabili ezinkulungwane. Futhi bengingathi, "UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu," futhi bekuyohamba kwehle njalo nga*lo*mugqa, futhi kwehlele le *ngalowo*mugqa, kuya kuzozonke izizwana. Bese kuthi–ke ubuyobuya futhi ufanele ucabange ukuthi ubuthini. Futhi nje kwehlukile . . . O, he. Kodwa ngibone izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe zinikela inhliziyo yazo kuJesu Kristu,

ziphihliza izithixo zazo phansi, njengesiphepho sothuli. Kulungile.

174 [Omunye manje uthi, ngesiPenishi, "Mejor del numero setentaicinco en adelante, del setentaicinco a cine."—Umhl.] Kulungile. Ngabe ukhona osileleyo ezansi lapho, noma okunye okuthize na? Ya, kuyakuqinisekisa. Lokho kukahle, mfowethu. Awusho, sewake wa . . . Uyamazi uMfowethu Espinoza na? ["Qhabo, angimazi."] Ya, uvela ezansi lapha.

175 Ukhona omaziyo uMfowethu Espinoza, u min- . . . Wayeyilowo owayenami ngale eDolobheni laseMexico, ngenkathi leyongane encane ivuswa kwabafileyo ngalesosikhathi. Ngi—ngicabange nje ukuthi u . . . encane. Niyizwile indaba yayo, kusobala. KwakukwiBusiness Men's Voice nezinto lapha. Nganginje . . . Ngifuna ukwehlela lapho futhi ngesinye isikhathi. He, abantu abazithobe kanje pho, futhi babekholwa ngempela. Babe . . . Niyabo, ibandla ezansi lapho lihlala njalo lethembisa okuthize, abafinyeleli neze kukho. Kodwa lapha phakathi esithembisweni seBhayibheli, sikuso; sikithi, si—si—siyasibona, nalokho kusenza sibe yiso ngempela. Kulungile.

176 Manje, manje ngamunye wenu nginakisiseni, okungenani imizuzu eyishumi.

177 Mhlawumbe ngibize abaningi kakhulu. Angazi, ngi—ngingahle ukuba ngenze iphutha. Kulungile, bathi ukubajikisa ngapho. Kulungile, badedele nje bahambe yonke indlela bangene emgqeni, Billy, njengoba nje be—bekanjalo. Futhi nje asi—asiqale nje, siqale umugqa womkhuleko. Yenyukani. Nibatholele isihlalo ukuze bezohlala phansi lapha, Mfowethu Roy, noma okuthize. Ehholo lapho kunekamelo. Ngifuna ukubona abantu bebukela.

178 Niyabo, kunento eyodwa eningeyenze, ningeke naba nokuphazamiseka. UMoya oNgcwele uyakhophozela. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo, nifanele nilalele ngesikhathi.

179 Bangaki obesemhlangweni futhi abone izinto zisuka komunye ziya komunye na? Impela, nizibonile. Nibabone belahlekelwa umqondo wabo, futhi bahlanye; izihlalo zindize zizungeze endlini namademoni lakhishwa. Abanye babo ufe esingezansi, futhi badingeka baqukulwe bakhishwe endlini; besalokhu befe esingezansi futhi. Abanye bafela khona lapho, khona lapha ababemi khona; futhi bawe bafe, phambi kwethu nje ngqo. Niyabo, asidlali lona isonto. NguMoya oNgcwele. Nifanele nikholwe.

180 Indoda yake yama ngesinye isikhathi, izama ukungifaka isiphoso, lapho eCanada. Kuyini lokho ngaphesheya ukusuka eDetroit, yiliphi lelodolobha elisenhla lapho na? [Omunye uthi, "I Edmonton?"] Qhabo, ngaphesheya ukusuka eDetroit. ["I

Windsor."—Umhl.] I Windsor. Ya, ifika laphaya. Babeyiqashele ukuba ihambe iyofaka abantu isiphoso, ngempi. Niyazi, ibenze bakhonkothise okwezinja, nezinto ezinjalo. Nalowomfo ehlezi phandle lapho; ngilokhu ngizwa umoya oyinqaba, futhi ngawuqaphela. NoMoya oNgcwele wathi ibize, wathi, "Ndodana yedemoni, likufakeleni lokho enhliziyweni yakho ukuba uze lapha na? Ngoba ukwenzile lokho, bazokuthwala uphume lapha." Isalokhu ife esingezansi. Lokho sekuthi akube iminyaka eyishumi nambili edlule. Bayithwala bayikhipha. Ya.

181 UNkulunkulu usalokhu enguNkulunkulu. Into iqinisile, niyabo. Uyafano! Akaguquki neze. Uma kuphela singakholwa, yilokho kuphela okufanele sikwenze ukuba nokukholwa. Manje bhekani ngapha futhi nikholwe.

182 Manje, uma uMoya oNgcwele uzofika; angazi ukuthi Uzofika. Kodwa uma uzofika manje, hloboluni lwesibonakaliso esilubhekile namhlanje na? Ukuvuka kukaKristu, ubufakazi ukuthi uJesu uyaphila phakathi kwethu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wonke umuntu uyakukhumbula lokho na? IBhayibheli ali . . .

183 Manje ngabe sinaso isibonakaliso saseSodoma, ezweni namhlanje na? Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."] Sinesibonakaliso sikaNowa, ezweni namhlanje. Kunjalo na? ["Amen."] Sinazo zonke lezi ezinye ezinto na? Manje yini Athi iyokwenzeka ngalesosikhathi na? "INdodana yomuntu iyokwembulwa ngalolosuku." Kunjalo na? Yini e*mbuliweyo* na? "Iyaziswa." Noma yini eyazisiweyo yembuliwe. "INdodana yomuntu iyokwaziwa ngalolosuku." Awu, Enguyena izolo, namuhla, naphakade, ubengeke enza into efanayo ukuba Azazise na? Bangaki okukholwayo lokho na? ["Amen."—Umhl.] Kulungile.

184 Manje seninakho yini okwenu . . . wonke umuntu useqondisiwe ezansi lapho manje emgqeni na? Manje, bangane, angazi ukuthi sizofika kukho konke okwakho yini.

185 Ngifuna nonke nje ngale nibhekisise ngempela, futhi nihloniphe, nikhuleke, nikholwe. Manje, sizani, niyabo, ikakhulukazi uma kwenzeka into ethize isuka kimi, kungagxumi wonk'umuntu futhi aye e . . . Niyabo? Ya.

186 Cishe ezinyangeni ezimbili ezedlule, ebandleni lami, ngelinye iSonto ekuseni, kwakukhona into ethize, uSathane wenza into ethize ukuheha ukunakwa kwabantu. Kwakukhona iNgisi lapho, eligama lingu Way. Lakhe kweyami . . . Niyalifuna ikheli lalo, noma singaba nawe ukuba ubhale. Lithumela amateyipu omhlangano avela phesheya kwezilwandle. Nendoda yakucasukela engangikusho, ngenhliziyo. Ngase ngibheka phansi ngawubona lowomoya osabekayo phezu kwayo.

187 Ngaba nayo engxoxiswaneni yangasese, ngayitshela. Ngathi, "Mnu. Way, unenkathazo yenhliziyo." Wacasukela ngisho

nalokho. Ngathi, "Uzele ini kimi, pho na?" Ngakho cishe inyanga emva kwalokho, waya kudokotela, nodokotela wathi wayenhliziyo embi kabi.

188 Ngakho ufika emhlanganweni ngalokho kusa, nento ethize yashiwo; iNgisi eligxabhelwa yikhanda ngempela, niyazi, lakucasukela lokho. Umkalo, owesifazane waseNorway oyisimangaliso, inesi, futhi wayehlezi lapho nalo. Futhi ngasho into ethize, futhi kwalicasula ngokukhulu ukushesha, niyazi. Futhi ngenkathi lenza . . . Lalimi ngezinyawo, futhi babecula. Futhi ngenkathi Enza, ikhanda lalo labheka emuva, amehlo alo avele nje aqhwabaza abheka ngqo khona emuva, ubuso balo baphenduka bababomvu ngokumnyama ngempela, njengalelodeski lapho. Lawa lafa, kwiphansi lendlu.

189 Awu, manje, ibandla laqhubeka, abantu bedazuluka. Ngase ngithi, "Hlalani phansi. Niqeqeshwe kangcono kunalokho. Niqeqeshwe kangcono kunalokho."

190 Futhi ngakho umkalo wehla, wayehlola inhliziyo yalo. Lalingasekho. Uqala ukudazuluka. Ngase ngithi, "Dadewethu Way, umzuzu nje, ukuze ngikwazi ukuphuma epulpiti lapha. Asazi ukuthi yini uBaba . . . "

191 Futhi lapho ngehlela lapho, lase ligongobele nje. Amehlo alo, kwakungekho-mbala emehlweni alo, lase livele liqhunsuke ka*njalo*, emuva. Angibange ngisezwa nhliziyo kunoma ngangingezwa ku*lokho*. [UMfowethu Branham uqhwabaza kwenye into kakhulu—Umhl.]

Wathi, "O!" Uqala ukudazuluka, uqala . . .

192 Ngathi, "Manje asazi ukuthi uBaba waseZulwini uzokwenzani." Ngase ngithi, "Mhlawumbe Ukwenzele inhloso." Ngathi, "UMfowethu Way ubecasuka."

193 Wathi, "Ungihlebezele, ukuthi kumcasulile okushilo."

Ngase ngithithi, "Ubengafanele akwenze lokho."

194 Ngathi, "Baba waseZulwini, mthethelele uMfowethu Way ngesiphosiso sakhe, futhi ngibiza umoya wakhe ukuba ubuye."

195 Wathi, "Mfowethu Branham," futhi nango wayesephila futhi, emi phakathi kwethu. Niyabo? Niyabo? Ningatholi . . .

196 Uma noma yini iqhela, yibani nilokhu nithule nje, yibani nilokhu nithule. Ngikubonile kwenzeka izikhathi eziningi kakhulu. Kodwa uma ibandla lithola ukudabuka lonke, khona–ke, niyabo, niyamdabukisa uMoya oNgcwele. Manje uma nifuna ukudumisa uNkulunkulu ngokuthize, lokho kuhle. Kodwa uma wonke umuntu egxuma futhi ebukela *lokhu*, *lokho*, nabantu besukuma, futhi behamba hamba futhi bexoxisana, kungukudideka nje. Wena . . . UJesu ubengeke aphilise ngisho abantu ngaleyondlela, uqobo lwaKhe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngenkathi Elapha,

Wabaholela ngaphandle komuzi kanjalo, Wayesebeka izandla phezu kwabo wayesebakhulekela.

197 Manje, manje, lelinenekazi elimi lapha, lingowesifazane osemncane kunami. Libukeka liphilie futhi liqinile. Angazi. Manje, niyabo, ibandla layizolo, isikhathi sokuqinisekisa sikaNkulunkulu; libeka izandla phezu kwakhe futhi limkhulekele, limdedele ahambe, libone ukuthi wayenakho yini ukukholwa ukuba aphiliswe. Yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo. Kodwa Wethembise enye into ethize manje, niyabo, iZwi, isithembiso sanamuhla. Ngiqinisekile ukuthi niyakuqonda engikuchazayo.

198 Manje ngithola ukushintshanisa lapha ndawondawo. Ngakho . . . [UMfowethu Branham ulungisa imikhrofoni—Umhl.] Ya, ngicabanga ukuthi lokhu sekungcono manje.

199 Manje, uma lelinenekazi . . . Angilazi, kodwa uMoya oNgcwele uyalazi.

200 Manje nasi impela isithombe seBhayibheli, izwe elibonakala lonke ngasikhathi sinye. Uma wake waba ngapho, njengamanje nje, lowomthombo uselapho, nemivini yayimila phezu kwesiqongo. UJesu wabonana nowesifazane futhi Wamtshela ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, futhi wazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sehora, ukuthi uMesiya wayelapho. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wazi. Wakwazi.

201 Awu, uma Efana namhlanje, futhi ethembise ukuzembula Yena uqobo ngokufanayo, khona–ke kuzodingeka kube isibonakaliso saKhe futhi.

202 Manje ngethemba wonke umuntu uyaqonda ukuthi angiqonde khona ukuthi yimi, noma angiqonde khona ukuthi abafowethu lapha, noma omunye umuntu phandle lapho. Ngiqonde ukuthi uJesu, niyabo, uKristu, hhayi . . . ogcotshiwe, niyabo. Niyabo, Wafa ukuze Abangele ukuba inkonzo yaKhe ukuba iqhubekele phambili ngeBandla laKhe elivuma iZwi laKhe. Lokho akusho ukuthi kwenze—kwenze noma yini yehlukile kimi kunoma kwenza koyedwa walawa indoda lapha, hhayi nokuncu, noma oyedwa khona lapho. Sonke siyizoni ezisindiswe ngomusa.

203 Kodwa isithembiso saKhe! Wethembisa ukukwenza. Futhi kungalesosizathu ngimi lapha manje, ngoba Wakwethembisa, futhi Wathi, "Hambani nikwenze." Ngakho, ukuthi, akukho kwesaba ke.

Manje, nenekazi, ngifuna ungibuke, umzuzwana nje.

204 Ukufundisa nokushumayela. Ngokujwayeleki uma nganginemihlangano yami ephumelela khulu impela, ekuboneni okufihlakele, nokunye nokunye, kungenkathi kwakuvamise ukuba kube yimenenja eshumayelile, uMnu. Baxter nabo babeshumayela isikhashana. Futhi ngangingafanele ngenze

lutho kodwa ngiphumele emsamo, ngiphume ngqo endlini ngivela ndawondawo, ngikhuleka, ngiphume ngqo. Base bevele benawo umugqa womkhuleko umisiwe. Ngavele nje ngangena ngqo, niyabo. Kodwa, manje, ufanele uzishwibe wena uqobo ngemuva ndawondawo futhi.

205 Ukushumayela yisiphiwo, ukushumayela okuphefumulelwe —okuphefumulelwe. Niyabo? Futhi isiphiwo, abanye abaphostoli, abanye abaprofethi, abanye abafundisi, abanye abelusi, abanye abavangeli. Leso iziphiwo esiseBandleni. Niyabo? Kodwa kungenzeka singaba nesingaphezu kwesisodwa, njengoPawulu, noma yimuphi walabo. Manje, i—inqobo nje uma kukhona abaphostoli, lapho kufanele kube nomprofethi. Inqobo nje uma kunomprofethi, lapho kufanele kube no—nomvangeli. Kungani abafundisi bethi, "Kukhona umelusi nomvangeli, kodwa akukho-mprofethi"? Niyabo, lokho ngukucosha okufunayo, kuLenze lisho into ethize eLingayisho. Kodwa uNkulunkulu ungumhumushi waKhe uQobo weZwi laKhe. UyaLisho noma ngabe liqinisile noma qha.

206 Manje uma uMoya oNgcwele uzokwembula kimi into ethize oyenzile, noma ungubani, noma yini. Ngiqonde, angazi, niyabo. Kunjengephupho nje; ubona into ethize, kubuyela emuva. Futhi noma yini engiyishoyo . . .

207 Engikubonayo, ngiyakusho. Niyabo? Futhi khona–ke leso isibonakaliso, niyabo, futhi nanto iPhimbo lesibonakaliso. Isibonakaliso esokukwenza; iPhimbo yilokho elikushoyo. Khona–ke uma lokho kuyiqiniso, futhi konke yiQiniso, manje–ke engikushumayela lapha kuleliZwi kufanele kube yiqiniso, ngoba lokho yizincwadi ezichazayo zobizo. Manje lokhu akufakaziswanga yini ngeBhayibheli kulobubusuku na? Manje ngabe izethameli ziyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Manje lokhu kufanele kukuxazulule.

208 Manje, angimazi owesifazane. Nasi isandla sami siphakeme, futhi nanti iZwi likaNkulunkulu, futhi nampa abefundisi behlezi, niyabo, angimazi owesifazane. Angikaze ngimbone empilweni yami, njengoba ngikwazi, futhi siyizihambi komunye nomunye. Anginandlela yokwazi. Uma kunjalo, ukuze nje abantu bezokwazi, phakamisa isandla sakho ukuze abantu bezobona. Manje singafana nalabobantu eSikhari na?

209 Manje ngibuke. Ngiqonde ukuthi njengoPetru noJohane, bedlule esangweni okuthiwa ngeLihle. Manje bukani.

210 Niyabo, uJesu waheha ukunaka kwakhe. Niyabo? Wayazi Wayefanele enyukele lapho. UBaba wayeMthumele phezulu lapho, kodwa Wayengazi . . . Owesifazane uyaphuma, futhi Wacabanga ukuthi kufanele kube yikho. Niyabo? Futhi khona–ke Wakhuluma naye waze Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, khona–ke Wamtshela.

211 Yilokho engikwenzayo khona manje. Yimina ngizisusa endleleni, ukuze Ezokhuluma. Manje, yebo, nginganitshela ukuthi yini engalungile ngowesifazane, ngomusa kaNkulunkulu.

212 Inkathazo yakhe ingukuthi, unamathumba, futhi lawomathumba asezibilini. [Udade uthi, "Yebo."] Kunjalo impela. Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa lokho futhi akusindise na? Wena, uyakukholwa na? Unomunye othize obumkhulekela, futhi, awunaye na? Uyakholwa Uzowaphilisa amehlo akhe futhi amsindise, umfana wakho omncane na? Niyabo, ukusho nje leyonto eyodwa, ukukuhlaziya. Niyabo? Kulungile. Qhubeka manje, kukholwe.

213 Akakubambanga ekuqaleni, ngoba ubebambe lokho emqondweni wakhe. Ngibone ukuKhanya kulokhu kubaneka emuva phezu kwakhe futhi kanjalo, ngoba ubekhulekela enye into ethize. Futhi, noma bekuyini, bekulapho. Niyabo? Niyabo?

214 Niyabo? Uma nje uzokholwa! O, uma ubungakuchaza! Manje lokho kufanele kwenze wonke umuntu phakathi lapha . . . Lowo muntu nje oyedwa, kufanele kwenze wonke umuntu phakathi lapha akholwe khona manje. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

215 Unjani na? Manje siyizihambi omunye komunye, futhi, ngiyacabanga. [Udade uthi, "Kunjalo."] Siyizihambi. Anginamcabango ngawe, ungubani, uvela kuphi, noma—noma yini ngawe. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Manje uma Ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? ["Amen."—Umhl.]

Manje, manje thulani nje ngakho konke nje eningakwenza.

216 Manje, yebo, u—uphethwe ibhiphi, kunjalo, ibangelwa isimo sokwethuka okwenza igazi lakho liphakame. Futhi—futhi uthola ukuthi usheshe ukhathale impela, izikhathi eziningi. Umuntu olungile kakhulu, niyabo. Niyabo? Hhayi ocela amalifti; uyakholwa. Uyakholwa ngempela. Yebo, mnumzane. Futhi ngi—ngibonga kakhulu ngalokho. [Udade uthi, "Ngikhulekele amandla, Mfowethu Branham."—Umhl.]

217 Futhi, awusho, empeleni; ngokuthi ungumuntu onomoya omuhle kangaka. Unomndeni omkhulu ngempela. Umyeni wakho uyagula, futhi. [Udade uthi, "Yebo"—Umhl.] Unebhiphi, naye. ["Yebo."] Yena futhi uphethwe yinhliziyo. ["Kunjalo."] Unendodana, futhi iphethwe yinhliziyo. Futhi manje–ke uneyedwa okhathazeke ngaye. ["Yebo."] Kunento emnyama. Umfana usibekelwe. Ungumphuzi; uphuza ugologo. Futhi kunjalo. Akunjalo na? Qhubeka nje; kulungile. Kholwa manje. Qhubeka nje, ngicabanga ukuthi kuzolunga uma nje uzoqhubeka futhi ukukholwe.

218 "Uma ningakholwa, zonke izinto ziyenzeka kulabo abakholwayo." Uma—uma ungakholwa ukuthi lokho

uNkulunkulu akusho kuyiQiniso, lokho kuyakuxazulula. Awucabangi ukuthi kunjalo na? Akusilo iQiniso lelo na? Akusikho lokho Akusho na? Wenza isithembiso. Ngakho, uma Enza isithembiso, lokho kuyakuxazulula. Wathi, "Uma ningakholwa, zonke izinto ziyenzeka."

219 Manje ucabanga ukuthi bona abantu ufanele—bafanele babe nalokho na? Abanakho. Abadingekile ukuba bame lapha emsamo. Abadingekile. Abadingekile ukuba babe lapha, lutho nhlobo.

220 Unesikhathi nje esimangalisayo khona lapho. Kanjani ngani ezethamelini, niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nonke na?

221 Lelinenekazi elihlezi khona lapha lingibuka, khona lapho, liphethwe yinkathazo yenhliziyo; ligqoke ingubo ensundu, izinwele ezimnyama, lifake izibuko. Uphethwe yinhliziyo. Kuthe nje kungashiwo lokho ngenenekazi lapho, into ethize ishaye phezu kwakho. Kunjalo. Manje usendleleni kude nami, kodwa uthinte iNto ethize, awuyithintanga na? Uyakholwa manje ngayoyonke inhliziyo yakho na? Uma u. . . Phakamisa isandla sakho, uma lokho kuyiqiniso. Kulungile.

222 Manje ungangisiza na? Lelonenekazi elihlezi eduze kwakho, eliphakamise isandla salo lapho, liphethwe yibhiphi. Futhi uma lizokholwa ngenhliziyo yalo yonke, izoliyeka, futhi. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile.

223 Manje ngitsheleni bathinteni, bathinteni. [Ibandla lithi, "UJesu."—Umhl.]

224 Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa isifo senhliziyo, nihlezi lapho, nikhuleka, futhi na? Niyakholwa ukuthi Ubeyoyiphilisa inhliziyo yenu na? Uzoyiphilisa uma nizoMvumela. Nje, Ukwenzile uma nje uzokukholwa, kodwa kuqala ufanele ukukholwe.

225 Nifanele nikukholwe. Nibophezelekile ukukukholwa, ngoba leyo indlela kuphela uNkulunkulu angaphilisa ngayo. Niyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

226 Lelinenekazi elihlezi lapha nengubo ebukeka imnyama eliyigqokile, into ethize engalungile ngentamo yalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyisindisa, nenekazi na? Uyabo? Uyabo, awudingekile ukuba ube uphezulu lapha emsamo. Uyabo?

227 Manje bukani, kuthe nje lokho kuKhanya kungasuka kuye, Kubuyele emuva ngqo; inenekazi liqale ukukhala, lihlezi emva kwalo. Inenekazi emuva kwalo ngqo liqale ukukhala izinyembezi. Bekuyini na? Libe nokuzwa okuxakile ngempela kufika phezu kwalo. Uma kunjalo, nenekazi, emva kwalo ngqo, sukuma, phakamisa isandla sakho. Kunjalo, ukuzwa okuxakile ngempela kufika phezu kwakho. Manje, isizathu Kwenze

lokho, ngoba Ufuna ukukuphilisa kuleyonkathazo yesisu, futhi akusindise. Uyakholwa ukuthi Uzokwenza na? Amen. Uyabo, uma nje uzokholwa, kholwa nje!

228 Leyondoda ehlezi lapho ngqo ingibuka ngokumangalisayo kakhulu. Ufehlane. Ihlezi lapho, ekugcineni kwesihlalo khona lapho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa ofehlaneni futhi akusindise na? Ubungakukholwa na? UNkulunkulu uzokusindisa futhi akuphilise, uma ungakukholwa.

229 Aniboni ukuthi Unguyena nje izolo, namuhla, naphakade na? Ningekukholwe ngayo yonke eyenu . . .

230 Ukuba ke bengingashongo lutho kuwe na? Uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe. Ukuba ke bengingashongo lutho, kodwa nje ngikuyeke uqhubeke wedlule, ubungakukholwa ngayoyonke inhliziyo yakho na? Ngiyakholwa niphilisiwe nimi khona lapho. Ngakho nje hambani, kukholweni. Hambani, kukholweni manje, ngayo yonke inhliziyo yenu.

231 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphilisile, futhi uzophilisa ubabayi wakho, futhi, futhi anenze nisinde nobabili na? Uyacabanga ukuthi uzophuma esibhedlela, naleyonkathazo yenhliziyo na? [Udade uthi, "Yebo, ngiyakholwa."—Umhl.] Hamba, kukholwe manje. Uma ukukholiwe! Niyabo?

232 Uma nje nizokholwa kuphela, yilokho kuphela enifanele nikwenze. Niyabo? Aniboni ukuthi nguYe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

233 Unjani, nenekazi na? Ngibuke umzuzu nje. Unobuthakathaka. Kunjalo. Umama wakho uyagula, futhi, lapha. Akaguli na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Unenkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa umama wakho ngenkathazo yakhe yenhliziyo na? Awusho, empeleni, umzuzu nje, umyeni wakho uyaphilswa kulesosisu esimkhathazayo, futhi. Awusho, umzuzu nje, indodakazi yakho ibe nento ethize engalungile ngomphimbo wayo. Uyakholwa ukuthi Ukuphilisile lokho futhi na? ["Yebo."] Yebo, umzukulu wakho unamalumbo okuquleka, njengokuquleka, ingane encane. Uyakholwa ukuthi iphilisiwe, futhi na? Kulungile, hamba ukukholwe.

234 Haleluya! Senzani na? AsiMkholwa ngani na? Senilungele ukuMkholwa na?

235 Manje–ke asime ngezinyawo zethu Esabiza, uMoya oNgcwele. Sukumani futhi niMnike udumo, futhi niMkholwe khona manje, nonke. Ngiyaqinisa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha, iBhayibheli ligcwalisekile. Futhi eGameni leNkosi uJesu Kristu, makuthi onke—nonke niMnike udumo manje, futhi nizophiliswa. Amen.

